# *Ukuba Nesineke*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders. Ningahlala phansi. Ngiyaxolisa ukufika sekwedlule isikhathi, kodwa bengi, ingane encane egulayo, bengizama ukuyenzela inkonzo lapho ngikhuphuka, futhi umzali ubelapho, edabuke kakhulu ngakho. Futhi ngakho, bengikhulekela ingane encane, namanye amaduku ebengi. . . abelethwe kimi ukuba akhulekelwe. Uyakholelwa kuleyonkonzo, ukhulekela. . . ? O, yebo, siyayikholwa impela.

2 Manje, si. . . ngempela sithatha lokhu kuyinhlanhla enkulu ukuba nani bantu abahle, lapha kulesisiqhingi kuleliviki, kubo bonke. . . abavela ePort Alberni nalapha eVictoria. Futhi bengijabule kakhulu izolo ebusuku (inhliziyo yami ibe buhlungu ngaphakathi kimi ukuthi besinezinsuku ezintathu kuphela ukuba lapha, olunye futhi usuku.) ngenkathi ngibone okwenzeke izolo kusihlwa, ukubona iqembu lonke livuma amaphutha alo, futhi lenyuka futhi lenza ukuzibuyisela.

3 Manje, lokho—lokho kusho ukuthi kunethuba elikhulu le—enkulu imvuselelo eshanelayo kulesisiqhingi sonke lapha, uNkulunkulu anga—anga, sipha khona. Ngikholwa ukuthi Uzokwenza uma nje sizoMkholwa, futhi sibe nokukholwa ukuthi Uzo—ukuthi Uzokwenza.

4 Manje, ngibonga uMfowethu Byskal, Eddie, njengoba ngimazi, umfana oyigugu ngempela. Ngamthanda kakhulu lo mfana osemusha ngenkathi ngihlangana naye e-. . . phezulu eDawson Creek. Isikhathi sami sokuqala kwakuseGrande Prairie, kodwa wayeseDawson Creek ngaleso sikhathi, futhi ngahlangana naye lapho. Futhi wayengitshela mayelana nokuthi wayeshumayela njengesithunywa senkolo kumaNdiya.

Ngase ngithi, "Eddie, ngi—ngiza ngenyukela eCanada futhi ngolunye lwalezizinsuku, futhi ngizofika ngithi qathatha, ngibone abangani bakho."

5 Wathi, "Kulungile nje." Ngakho wangitshela, wathi, "Abanye babazalwane," wathi, "bangahle bafike bathi qathatha eVictoria, bahlukanise izinsuku phezulu lapho." Futhi—futhi wathi, "Kodwa bazoba no—nomhlangano ezansi lapho, ingqungquthela." Ngazisola ngalokho, kodwa ngifuna ukusho, ngiyaxolisa ngokungena ngaleso sikhathi, uMfowethu Borders nami uqobo, nathi sonke. Uma kwenzeka abanye babazalwane bekhona, besingafuni ukungena, noma ukusiza, noma, ukuvimbela ingqungquthela yenu, kodwa nje ukukhulekela abantu abagulayo njengoba sidlula. Futhi ngifuna ukusho, ninabantu abakahle. Sikuthandile.

6 Lokhu kungukuphela kwezinkonzo eziyishumi nanye eziqondile kimi ngaphandle kokuphumula, futhi iphimbo lami selithi alihambe. Selihambe kakhulu, kuze kube, nansi ingqikithi ebengizokhuluma ngayo kulentambama: *Indida*, futhi ngikhuphuka ngiphumele phandle lapho, iNto ethize yathi, "Awunalo nje iphimbo lokukwenza." Ngakho, ngakhetha okunye-ke.

7 Lokhu selokhu kwaba kusukela njalo ngoMeyi lapho ngibe semihlanganweni. NgangiseGreen Bay, eMichigan; futhi ukusuka lapho ngiya eChicago, e-Illinois; ngenyukele eSouthern Pines, eNorth Carolina; ezansi eColumbia, eSouth Carolina; ngale eCow Palace eLos Angeles. Futhi ukusuka lapho ngikhuphukele eSanta Maria, ukusuka lapho ngiye eGrass Valley, ukusuka eGrass Valley ngiye eSpokane, ukusuka eSpokane ngibuyele ezansi eSalem, ukusuka eSalem *ngapha*, na*lapha*. Niyabo? Sengiyakhathala.

8 Manje, ukushumayela nje akungihluphi. Ngiqala ukushelwa yizwi kancane, ngoba, ngiyacabanga, ukukhuluma kakhulu nje. Kodwa, yimibono engikhathazayo. Enye yalezo zingaphezu kwamahora ayishumi ongayishumayela phezulu ezwini lakho, eyodwa nje, izokwenza kangako kuwe.

Kungokokuqala ukuba nani, nokukholwa kwenu okukhulu ukuphendula kulokho, ngiyabonga impela kini. UNkulunkulu anibusise njalo.

9 Angazi, kwakukhona izindleko eziboshelwe emhlanganweni, ngiyakholwa. Futhi ngatshela u-Eddie, "Nje," ngenkathi ngiza ngapha, ngathi, "manje, Mfowethu Eddie, ungawuphathi ngisho umnikelo." Ngathi, "Ibandla lethu—lethu ekhaya lizokunakekela, ngoba siyizihambi futhi. . . " ukukunakekela. Manje, ngiqondile ukuthi wawuthatha umnikelo, futhi, noma *okuthile okunye*, futhi ubefuna ukukwenza. . .Futhi ngathi, "Uma wenzile, vele uwusebenzise ezindlekweni." Ngeke sishiye noma yiziphi izikweletu. Asikaze sikwenze okwamanje.

10 Asikholelwa ekunxibeni abantu imali. Si. . .ngi—ngibe senkonzweni ngiqhubeka iminyaka engamashumi amathathu nambili futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Kunjalo. Ngenkathi. . .Futhi namuhla, ngi—ngikhokhelwa ebandleni lami amadola ayikhulu ngeviki, futhi niyazi ukuthi sifanele siphile kanjani ngalokho.

11 Kodwa cabangani ngakho, iNkosi yethu yayingenayo indawo yokuqamelisa ikhanda laYo. Kunjalo. Niyabo? Ngakho, Yayinengubo eyodwa ngenkathi Ilapha, omunye waYinika yona. Futhi ngakho, angicabangi ukuthi kuyafaneleka, amaKristu ukuba azame ukuqhathanisa nezwe, ukuba, niyazi, "amaqili," njengoba sikubiza ezansi eStates, futhi afake okuningi, futhi abe nokukwedlula konke. Ngani, ngikholwa

ukuthi besingahlala njalo sithatha okuncane, yi—yindlela ezedlula zonke, Wenza, UnguNkulunkulu weNkazimulo, wehla engenandawo yokuqamelisa ikhanda laKhe. Futhi, ngicabanga ukuthi leyo yi, indlela esifuna ukuphila ngayo.

12 Futhi, abantu abaningi bayazi ngalolu hlobo lwenkonzo, he, ukuba ubuyimbuka, ubungaba ngu, ngani, ubungaba ngusozigidi. Futhi ngingesaba ukunibhalela isheke kulentambama, i-akhawunti yami siqu, ngaphezu kwamakhulu amabili amadola noma amathathu. Lizonqaba impela, ngiyanitshela lokho. Kodwa, into yakho ingukuthi, asiphumelanga imali lapha, siphumele lapha ukuzama ukusiza uMbuso.

13 Angikho phandle lapha ukuzolahla noma yiliphi ibandla, noma iyiphi inhlangano, noma yini. Izikhathi eziningi uyangizwa ngiphindaphinda ngakho, kodwa akusiyo inhlangano engiphindaphinda ngayo, yileso sono esiphakathi lapho, yilokho engiphindaphinda ngakho.

14 Uma ngikubona wehla ngomfula ngesikebhe esincane, futhi lesosikebhe besivuza, futhi bekukhona izimpophoma ezinkulu ngezansi kwakho, amanzi akhahlamezayo, futhi bengazi ukuthi lesosikebhe besingeke sidlule kulezo zimpophoma, lawomanzi akhahlamezayo, nami ngikuklabalasela, futhi ngikusola, nokuzama ukukukhipha lapho, akusikho ukuthi yingoba ngingakuthandi, yingoba ngiyakuthanda. Ngi—ngiyakuthanda. Niyabo? Ukukholwa nothando kuyaqondisa. Niyabo? Ku—kuyaqondisa.

15 Uma ubunengane yakho encane ihlezi phandle lapha emgwaqeni, futhi uyazi ukuthi isiminyaminya sezimoto zishwibeka ngalapho, ubungathi, "Junior, s'thandwa, ngicabanga ukuthi ufanele ungene"? Yileyo ndlela nje abanye abefundisi abazama ngayo ukuqondisa ibandla labo. Ngani, ukuba ubungumama wangempela noma ubaba, ubuyophumela lapho futhi uyikhiphe lapho, futhi uma iphuma futhi, ubuyoba nenduku, ngokulandelayo, esandleni sakho, lapho uyilandela. Lokho akukhombisi ukuthi awumthandi umntwana, kukhombisa ukuthi uyamthanda umntwana, uyazi.

16 Futhi, anginimpongolozeli. Ngiyazi ukuthi isikebhe ngeke sidlule emgelezweni ezansi lapho futhi ngizama ukukuthola. Yilokho engikufunayo. Futhi leyo yindlela engicabanga ngayo ngenkolo ehleliwe. Hhayi ukuthi nginanoma yini engimelene ngayo nomuntu ngamunye, yinqubo, inqubo ehlukanisa ubuzalwane. Bathi, "NgiyiPresbyterian, futhi asihlanganisi lutho . . ."

17 Kade ngisesibhedlela futhi ngiyaqala, ewodini, futhi ngiqala ukukhuleka. Ngathi, "Ningagebisa amakhanda enu nina bantu na?"

"SingamaMethodisti."

18 Ngake ngathi, ngesinye isikhathi kowesifazane, "Ngabe ungumKristu na?"

Wathi, "Ngikunikeza ukuthi uqonde ukuthi ngishisa ikhandlela njalo ebusuku." Njengokuthi lokho kukhona okukuhlanganisa nanoma yini nobuKristu.

19 Omunye wathi, "Ini?" Omunye owesifazane wathi, "UmKristu na?" wathi, "NgingumMelikana." Lobo akusibo ubufakazi obuhle kakhulu bobuKristu, ngizokusho lokho, futhi ngakho, lokho akuhlangene ngalutho nakho.

20 UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angeke abone ngisho," lokho ngukuthi aqonde, "umbuso kaNkulunkulu." Futhi ngiyabashisekela kakhulu abantu, nginentshiseko ngeBandla. Futhi uma ngibona ukusonteka, izinhlangano zisonta abantu behlukane futhi zibahlukanisa, zibenza behluke, bese-ke leloqembu elifanayo liphola ngaseZwini likaNkulunkulu nezinto. Lokho . . . Akukho lutho engimelene ngakho nabo, ngizama ukuthatha iZwi futhi ngilinyakazise libuyele ndawonye futhi.

21 Ngagcotshwa ngesinye isikhathi, ebandleni leMissionary Baptisti. Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngibizelwa enkonzweni, lapha, uku . . . ngivele nje . . . O, ngenxa ye—yeMissionary Baptisti, i . . . akusiyo inhlangano, yinhlanganyelo nje, ungowayo nje. Kufana nokuhlanganisa amahlelo. Ungashumayela noma yini oyifunayo, inqobo nje uma uphila impilo ehlanzekile, ungakwazi ukuba yiMissionary Baptisti. Wena . . . Ukuziphatha okubi ukuphela kwento ekukhiphayo. Inqobo nje . . . Futhi-ke, umbhaphathizo wabo, bakholwa ukuthi amanzi akubhaphathizela enhlanganyelweni, noMoya ukubhaphathizela eMzimbeni. Futhi ngakho, ngakho-ke, akunandaba ukuthi ubhaphathizwe kanjani, ufanele uphinde ubhaphathizwe ukuba yiBaptisti, ngokuba kusenhlanganyelweni. Niyabo?

22 Futhi manje . . . Ngase-ke ngithola ngenkathi ngibalula lokhu, ngeNgelosi yeNkosi, kubafowethu, awu, bacabanga ukuthi ngangilahlekelwe umcabango wami. Kodwa, ngathi, "Uma uNkulunkulu engithume ukuba ngenze okunjalo, ukhona ozokwamukela."

23 Manje-ke ngenkathi ngifika phakathi kwabantu bePentecostal, kwakufana nokubeka igilavu phezu kwesandla esibandayo. Niyabo? Sinela nje kahle. Khona-ke lapho sengithola ukuthi babehlukene ezinhlanganweni, beqophisana, a—angeke ngijoyine nanoma iyiphi yazo. Kodwa, ngama ngqo esikhaleni, futhi ngithi, "Singabazalwane." Niyabo? "Singabazalwane, akumele siqophisane." Awu, uma nje sisaqophisana, udeveli uhlezi emuva ehleka, usibambile. Asibeke amahlombe ethu nemizamo ndawonye, njenga*Masosha AngamaKristu Aqhubekela phambili*, zonke izinhlangano zimi

ndawonye ngento eyodwa: iZwi likaNkulunkulu. Yilokhoke. Ngaphansi kweGazi leNdodana yaKhe, uKristu Jesu, malizuliswe lelobhanela.

24 Ngiyazi izolo ebusuku, nangezikhathi ezehlukene, ngizamile ukugcina imilayezo kalula nje ngangengingakwenza, futhi ngibenze babone, futhi uma nje bezowukholwa lowomlayezo omncane olula, uNkulunkulu uzobahola baqhubeke.

25 Futhi ngi—ngithola abanye, ngi . . . abantu bacabanga ukuthi ngiyaxhuxhuma uma ngizoshumayela, kodwa angixhuxhumi, ngazi khona ngqo lapho engimi khona, kodwa ngivele ngizizwe ngikahle.

Futhi ngakho, omunye umfo uthi, "Uyahlanya."

Awu, uma nginjalo, ngiyeke nje, ngizizwa kangcono ngaleyondlela kunokuba ngenza ngenye indlela. Ngakho, nje—nje kungikhumbuza nge . . .

Abanye babo bathi, "Awu, siyibandla elidala, sasingelokuqala. Thina . . . " Ya.

26 Nginendaba encane, ngesinye isikhathi, mayelana nabantwana bami. Ngingubaba, futhi ngi—ngiyabathanda abantwana bami. UBilly, indodana yami, unina washona esengumfo omncane nje, futhi bengingubaba nomama kokubili kuye. Ngangimthwala ngizungeze, yena ekhalela umama, akukho mama anganikwa yena. Futhi lokho kwaba iminyaka eminingana waze wamdala ngokwanele, uya esikoleni. Futhi mina, phandle emihlanganweni, angikwazanga ukumnakekela, ngakho ngaphinde ngashada futhi, futhi saba nabantwana abathathu.

27 Nginamantombazane amabili amancane nomfana omncane. URebekah, eminyakeni embalwa edlule . . . ungomdala kunabo bonke, uthi ukuba nomzimba omncane, onemilenze emide. No—noSarah uyafika, ungomfishane kancane. Futhi u-Becky ungonezinwele ezimhloshana kanti uSarah ungonezinwele ezinsunjwana. UBecky unamehlo amakhulu aluhlaza sasibhakabhaka nezinwele ezimhloshana, noSarah, ufana kakhulu nonina, othi ukuba nekhanda elimnyama namehlo amnyama. Futhi ngakho, bobabili bangamantombazane kababayi nokho.

28 Ngakho manje-ke, bayangilinda, nokho, lapho ngingena. Futhi kade ngingaphandle emihlanganweni, futhi ngangikhathele kakhulu, kodwa babelindile. Yonke indiza eyayidlula, babethi, "Ubabayi uyeza manje!" Kodwa, ngifike sekuleyithi kakhulu, emva kwesikhashana, base be . . . indoda yenganekwane yangena emehlweni abo, niyazi, ngakho uMama wabalalisa. Walinda, futhi indiza yabambezeleka. Ngangena ngehora lokuqala ekuseni. Ngemva kokuphuma emihlanganweni enjena, ngifikelwa ukukhathala kakhulu angikwazanga nokulala.

Futhi ngakho, bengitshela uBilly, eza ngapha . . . Wathi, "Babayi, ubukeka ukhathele kakhulu."

Ngathi, "Kodwa Billy, ngifanele ngenze yonke imizamo."

29 Wathi, "Awuyi ngani ngaleya futhi nje ungakhulumi kubantu. Futhi nje uthi, 'Ngizokhulekela abagulayo,' bese uqhuba umugqa womkhuleko njengoba ubathembisile futhi ungakhulumi."

Ngathi, "Billy . . . "

Wathi, "Ababaningi abantu lapho, babayi, umhlangano omncanyana."

30 Ngathi, "Ngingafaka umzamo ofanayo lapho uma kukhona izinkulungwane eziyikhulu." Niyabo? Ngathi, "Ngoba ngibophezeleke ngothando lukaNkulunkulu olungibophezela eBandleni laKhe." Uyabo?

31 Futhi ngiye ngacabanga kaningi ukuthi ngingenzani ngamaconsi amabili eGazi langempela likaJesu Kristu, engilazini. Yini . . . Bengingayibamba kanjani! Impela ngeke . . . ngeke ngifune ukuyichitha. Bengingayibambela esifubeni sami, futhi ngiyikhuphukele enhliziyweni yami, futhi ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngilithakasela kanjani leliGazi!" Kodwa, emehlweni aKhe, nginokukhulu ngokwedlulele kulentambama: Nginokuthengwa kweGazi laKhe phambi kwami. Wakuthanda kangcono kunokuba Wathanda ukuphila kwaKhe uqobo.

32 Khona-ke ngifanele ngikuphathe kanjani na? Thembeka, ngobuqotho. Futhi isono ngifanele ngisibize, akunandaba ukuthi kukulimaza kangakanani wena noma mina. Ngifanele ngenze konke engingakwenza ukuba ngithembeke futhi ngiqonde ngqo, nenceku kaKristu.

33 Ngibuye nendaba yami. Amantombazane amancane, ayene . . . Angikwazanga ukulala, ngakho ngavele ngavuka, ngaphumela egumbini lokuphumula, ngase ngihlala phansi esihlalweni. Futhi sekuthi akube semini ngezwa phansi, igumbi lezingane, umbhede waphenduka kancanyana, noBecky wavuka. Wabuka ngaphandle, futhi ubonile ukuthi kwase kusemini; wasusa ikhava, futhi wehla ngehholo weza ngokushesha impela, ungibonile ngihlezi lapho. NoSarah omncane wavuka ngenkathi uBecky esukuma. NoSarah wayengumfo omncanyanyana ngaleyonkathi, cishe iminyaka emine ubudala; noBecky cishe wayeneminyaka eyisishiyagalombili, eyisishiyagalolunye.

34 Ngakho, uSarah . . . Abantwana bethu bagqoka izingubo abazishiyelwe omunye. Niyazi, oyedwa ovela . . . omdala uthola okuthize, bese kuqhubeka kwehle kudabule emndenini. Ngakho, uSarah wayegqoke amaphijama kaBecky; futhi kwakuyilawo maphijama anezinyawo zikanogwaja—nogwaja, amakhulu, nalolonyawo oluncanyana lukaSarah egqoke amaphijama kaBecky ezinezinyawo ezinkulu. Futhi ngakho, akakwazanga

ukuhambisana naye, nalezo zinyawo zonogwaja ezinkulu ezixegayo, niyazi.

35 Futhi uBecky wadlula uSara ukuza kimi. Futhi ngakho, wagxumela ethangeni lami, wagaxa intamo yami ngezingalo zombili, wayeseqala ukumpongoloza, “Babayi!” Kusobala, lokho kwenza inhliziyo yakho ikhukhumale. Futhi waphenduka, noSarah wayezulazula nje, lawomehlo amancane amnyama eza, niyazi, kakhulu nje njengoba engenza. Futhi ubonile ukuthi uBecky wayemdlulile, nomfo omncane bandla, wabonakala nje edumele kakhulu.

36 Ngakho, waqalaza . . . UBecky waqalaza, wathi, “Sarah, dadewethu, ngifuna wazi okuthize.” Wathi, “Ngifike kuqala lapha.” Yilokho ibandla elikhulu elizama ukusitshela khona. “Ngifike kuqala lapha, futhi nginawo wonke uBabayi, futhi akukho okusalele wena.”

37 O, he! USarah omncane bandla, kwamlimaza kabi kakhulu, niyazi. Izindebe zakhe ezincane zaqala ukuvevezela, amehlo akhe amakhulu, amnyama anemibala kancane, waqala ukuphenduka, ngase ngimqhweba ngomunwe wami, *kanjalo*, ngase ngikhipha umlenze wami. Ngakho, nangu eza, amehlo akhe akhanya, futhi weza futhi wanquma emlenzeni wami, kodwa wayethi ukugomonqa, njengoba sikubiza kanjalo ezansi lapho. U . . . yena . . . wayengakahlali isikhathi eside kakhulu lapha, njengebandla eliselisha, niyazi, wayethi ukungazinzi. Futhi ngakho, futhi mina, ukumgcina angawi, ngamgaxa ngase ngimgona ngamsondeza eduze kwami.

38 Walala lapho kancanyana, wayesephendula ikhanda lakhe elincane, wabheka phezulu kudadewabo, wathi, “Rebekah, dadewethu,” wathi, “kungahle kube yiqiniso ukuthi unaye wonke uBabayi, kodwa ngifuna wazi into eyodwa: UBabayi unami wonke!”

39 Ngakho—ngakho yileyondlela engizizwa ngayo ngakho. Ngingahle ngingabi nayo imfundo, izimfanelo, njengoba umfundisi efanele abe nazo, kodwa yinye into engiyaziyo, ngingahle ngibe ngogomonqayo kancane, kodwa ngifuna Yena abe nami wonke. Inqobo nje uma Esabambile, lokho kunganele.

40 Futhi manje, ngiyabonga ngokusekela kwenu okuhle. Sekuleyithi, manje, ngiyazi ninezinkonzo zenu kulobubusuku. UNkulunkulu anibusise. Futhi manje, uma kwenzeka ngiba nomusa kini, ngibhalele. Angizami ukuthola ikheli lakho. Qhabo. Izikhathi eziningi, lokho kuwukudlala emphakathini ukuthi . . . a—anginakho ngisho . . . Nginonobhala oyedwa, nedeski elilodwa elibekwe ekugcineni kwenqola. Futhi yileyo ndlela esizama ngayo ukuphendula izincwadi. Kodwa, kuwumbono, uma singakusiza. Unga . . . Indwangu yomkhuleko, ngizojabula ukukuthumelela eyodwa, nanoma yini engingayenza. Akukho nkokhiso, akukho nkokhiso kwilutho.

41 Futhi, izikhathi eziningi siyakwazi, sathi, "Ngibhalele." Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, niqhubeka nokwakha, nakha. Niyazi ukuthi kukanjani lokho, ngoba amadoda afanele abe nalolo xhaso lwabantu ukufaka ukusakaza kwethelevishini kanye nomlayezo womsakazo. Anginayo neyodwa yalezo zinto. Angiyidingi imali. Ngi—ngiyo . . .

42 Manje, umuntu onjengoMfowethu Oral Roberts onomusa kakhulu ubengeza kanjani emhlanganweni ofana nalona kuyilapho efanele abe cishe nezinkulungwane eziyishumi kuya kweziyishumi nanhlanu zamadola nsuku zonke na? Ubengakwenza kanjani na? Ubengekwenze. Yilokho kuphela. Ubengekwenze.

43 Ngakho, ngakho-ke, ngicabanga ukuthi iNkosi, Ayikaze, I—I—Ihlakaniphile, futhi Iwukuhlakanipha konke, anginabo ubuhlakani obenele ukwenza lokho, ngakho ngiyahlala nje, ngithanda ukuhlala nje "Mfowethu Bill," futhi ngiqhubeke nomaphi lapho Engiholela khona. Uma kuyindawo encanyanyana, lapho kungekho lutho khona, ngani, ngiya lapho.

44 Futhi uma . . . Wangiholela e-Afrika, ngaya lapho ngenxa yabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili noma amathathu, ngawelela eNdiya, izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, kodwa ngandlela thize, omunye uvele adlule futhi akukhokhele, bese siyasuka. Ngakho, ngiphila ngokukholwa nje, yilokho kuphela. Futhi ngakho, ngingaya nomaphi lapho Angibiza khona, akunandaba ukuthi kukuphi, ngingahamba. Niyabo? Isizathu ku . . . ngine . . . Awu, ukuba bengingakhathazeka ngokukhuphuka ishumi nanhlanu, izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zamadola ngosuku, whewu, he, bengingaba nempandla kakhulu kunoma nginayo manje.

45 Ngikhuluma ngempandla, ihlaya elincane kumkami, lapha esikhathini esingeside esedlule, bengikama lezozinwele ezimbili noma ezintathu, niyazi.

Wayesethi, "Billy, usuthi impela awube nempandla ngokuphelele."

Ngathi, "Kodwa, angikalahlekelwa nanolulodwa."

Wathi, "Ngiyacela, ngitshele ukuthi zikuphi."

46 Ngathi, "Kulungile, s'thandwa, ngizokutshela, uma ungitshela ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole; noma ngabe zazikuphi ngaleyonkathi, zilindele mina ukuba ngize kuzo." Ngokuba iBhayibheli lathi, "Ningakunaki, izinwele zethu zekhanda zibaliwe, Uyovusa yonke into, akukho lutho olulahlekile."

47 Ngiyakholwa kuNkulunkulu oyosivusa ngezinsuku zokugcina. Yebo, mnumzane. O, ngithanda kanjani ukukhuluma nani ngalokho isikhashana kulentambama. Beka nje ukukholwa

kwakho kulokho kuvuka, futhi ubone lesosithombe esikhulu silele phakathi lapho, ukuthi sihle kanjani, ukuthi esidala siguquka kanjani sibuyele sibe sisha, no—nokuthi uNkulunkulu wenza kanjani isithembiso, futhi wasiqinisekisa ngoSara no-Abrahama, ukubaphendula bobabili babuyela kwinsizwa nentombi. Futhi akhombise ukuthi Uzokwenzani kuyo yonke iNzalo yabo emva kwabo. Futhi ngakho, konke kuhle!

48 Futhi ngolunye lwalezizinsuku, uNkulunkulu ethanda, futhi uma ningenandaba, futhi uzo . . . futhi—futhi nizongivumela ngibuye, ngingathanda ukubuyela esiqhingini, ngigxumeke itende ndawondawo, futhi ngihlale amaviki amane noma amahlanu noma okuthize, ukuze nje sibe nesikhathi esiyinqwaba. Ngakho-ke . . . [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Ngibonga kakhulu kakhulu. Lokho kungenza ngizizwe ngamukelekile kakhulu. Futhi ngi—ngingenza noma yini . . .

49 Niyabo, abantu abaningi abakuqondi kahle nje ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi ngingaba khona lapha. Kodwa egijima edlula kanje, futhi into yokuqala niyazi, abangakholwayo bazungeza amakholwa, futhi bazame ukukuchaza kusuke, futhi, niyazi. Futhi—futhi into yokuqala niyazi, ukugula kugadla kumuntu, abazi nje . . . kungemva kokuba sebekhulekelwe, futhi bacabanga, "O, awu, ngilahlekelwe ukuphulukiswa kwami." Ngezinye izikhathi yilona kanye uphawu ukuthi unakho. Niyabo? Futhi wena . . . Futhi abazi ukuthi kubanjwa kanjani. Futhi uma nje besingahle sihlale phansi futhi, lapho ukugula kuvela futhi noma okuthize, ungabuya. Besingahlala phansi phambi kweNkosi endaweni ekhethekile, lapho umuntu ngamunye, besingabona ukuthi kwenzekani nje.

50 Lemibono eyenzeka lapha, uyakwenza lokho wena uqobo, lokho nje yimibono emincane yesikhashana, sengathi uyaMthinta, kodwa imibono yangempela yilapho uNkulunkulu ekhombisa okuyoba khona, nalokho ukubekhona, nokuzayo, nokunye nokunye kanjalo.

51 Manje, iNkosi ihlale inibusisa futhi inenze niphile futhi nijabule. Futhi ningikhulekele manje. Asikhothamise amakhanda ethu sisacela izibusiso zikaNkulunkulu. Ngihlose kulentambama ukukhulekela bonke abantu abagulayo emgqeni abazodlula kuwo. Ingabe unazo izicelo ongathanda ukuzenza zaziwe ngokuphakamisa isandla sakho na? Ngiyabonga, futhi uNkulunkulu akubusise.

52 Baba wethu waseZulwini, sibonga kakhulu kuWe ngenhlanganyelo nesikhathi esibe naso ndawonye kulombuthano othandekayo neBandla likaNkulunkulu ophilayo, labo abaphuma emahlelweni ehlukene nezinkambo zokuphila babuthene ndawonye ukuKukhonza futhi

kulentambama. Siyabonga ngalokhu, ngokuKholwa okwake kwanikelwa kwabangcwele, kungahle kubuyiselwe futhi ngezinsuku zokugcina, njengoba kuprofethiwe kanjalo.

53 Sikhulekela izibusiso zaKho phezu kwaleso naleso sicelo. Nkulunkulu, busisa lababantu. Futhi kwangathi ukugula kungasuka ngokuphelele kubo. Kwangathi abelusi bezwe ibandla labo lifakaza emavikini kusukela manje, ukuthi i—izinkathazo zesisu, nezinhlungu, nokugula abebenakho, sekudlulile, abasenakho. Siyobonga kakhulu ngalokho, Nkosi, futhi Ukwenze ngaso sonke isikhathi. Futhi ngiyazi Awubheki ndawo noma umuntu, Uzokwenza futhi.

54 Sibusise manje. Futhi njengoba sisondela eZwini laKho, kwangathi uMoya oNgcwele ungasambulela izinto ezilotshwe phakathi lapho. Futhi nikeza ukukholwa ngomhlangano ozayo, Nkosi, umugqa womkhuleko olungiselela ukwakhiwa emizuzwaneni embalwa elandelayo. Siyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

55 Manje, uma nithanda, phenyani nami emlayezweni omfushane nje. Futhi ngingathanda ukunishumayeza kulentambama, kodwa ngi . . . umphimbo wami ushe ngempela. Futhi nginga, ngiyabonga ukwazi ukukhuluma emva kwayo yonke lemihlangano, nazo zonke izinhlobo zomnyelele, nayo yonke into e—ezakhiweni.

56 Manje, ngifuna nivule eVangelini likaMathewu oNgcwele isahluko se 15 nevesi lama 21 kuya kwelama 28. Ngifuna ukufunda ingxenye enkulu yakho lapha, futhi ngifuna ningilandele, uma nithanda. Ivesi lama 21:

> Futhi *uJesu wamuka lapho, waya* emnceleni *waseTire* lase*Sidoni.*
>
> *. . . bheka, kwafika owesifazane waseKhanani evela kulowo* mngcele*, wakhala kuye, ethi, Ngihawukele, . . . Nkosi, ndodana kaDavide; indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.*
>
> *Kodwa akamphendulanga ngazwi. Abafundi bakhe beza bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba* uyakhala *emva kwethu.*
>
> *Kodwa waphendula wathi, Kangithunywanga kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu ka-Israyeli.*
>
> *Wayeseza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi, ngisize.*
>
> *Kepha waphendula wathi, Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.*
>
> *. . . wathi, Qiniso, Nkosi: nokho izinja zidla . . . imvuthuluka ewa etafuleni lomninizo.*
>
> *Khona-ke uJesu waphendula wathi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela ngaleso sikhathi.*

57 Ngingathanda ukuthatha i—indikimba kulokhu, ngizosebenzisa igama elilodwa, nalelogama lithi: *Ukuba Nesineke*. Futhi igama *ukuba nesineke* lisho "ukuphikelela." UWebster uyasho ukuthi "ukuphikelela ekwenzeni umgomo." Ukuzama ukwenza okuthile, nokuphikelela ngakho, uba ngonesineke.

Amadoda ayo yonke iminyaka, enokukholwa kulokho azama ukukufeza, abenesineke. Ufanele ube nokukholwa kulokho okwenzayo.

58 Ngiqaphelile, futhi kuye kwagqama kakhulu eminyakeni engamashumi amathathu e—e, eminyakeni engamashumi amathathu nanye, njalo, emva kwepulpiti, futhi cishe iminyaka eyishumi nesithupha manje phakathi, njalo njalo emhlabeni jikelele emigqeni yomkhuleko, futhi ngibhekisisa abantu, abantu njalo, abasoze . . . akuvamile ukuthola ozovuma ukuthi abanakho ukukholwa, bahlale benakho konke ukukholwa.

59 Kodwa niyabo, ukukholwa kwehlukile kunalokho enicabanga ukuthi kuyikho, noma, hhayi lokho nina, ngiqonde ukuthi umuntu ojwayelekile abeyokucabanga. Ikakhulukazi, ithemba esikhundleni sokukholwa. Unomcabango wengqondo wokukholwa, ukuthi kusho ukuthini, futhi ngokwengqondo unokukholwa, kodwa uhamba ujule kunalokho, niyabo, uhamba ujule. Ukukholwa kuqondile, kuyiqiniso. Khona, akusiyo inganekwane, hhayi u—ukucabangela kobuhlakani, kodwa yinto, nente ingokuthile ongabambelela kuyo. Niyabo? Ku "yizinto ezithenjwayo, futhi kungubufakazi bezinto ezingabonwayo," ku, maHeberu, 1 . . . isahluko se 11, ivesi 1. Manje, lokho kukholwa akusikho . . .

60 Manje unemizwa emihlanu emzimbeni wakho, uNkulunkulu wakunika leyomizwa emihlanu ukuba uxhumane nekhaya lakho lasemhlabeni, okungukuthi ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Kodwa lokho akuhlangene ngalutho noNkulunkulu, akukho-namunye wayo oyomemezela uNkulunkulu, akukho nowodwa wayo, qhabo, ngoba inikezwe wena kuphela ukuthi uxhumane nekhaya lakho lasemhlabeni. Niyabo? Ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Niyabo, lokho akuhlangene nhlobo noNkulunkulu. Futhi abantu bathembele kuyo *ngempela*, kodwa a—a—awufanele ukwenze lokho.

61 Ukukholwa yinto ehlukile, ukukholwa ngumuzwa wesithupha, oxhumana noNkulunkulu ngawo. Ungaxhumana noNkulunkulu kuphela ngomuzwa wesithupha, okuwukukholwa. "Lowo oza kuNkulunkulu kufanele akholwe ukuthi Ukhona, futhi, ungumvuzi walabo abaMfunayo ngenkuthalo." Niyabo? Manje, kuwudaba oluyinqaba kakhulu.

62 Manje, isibonelo nje lapha, manje, ngizokhuluma kuzwakale kakhulu, manje, nakhu kubekwe ithuluzi lomculo. Wazi kanjani

ukuthi yi—yithuluzi lomculo na? Ngoba nginomuzwa owodwa ozoxhumana nalo, lowo ngukubona kwami: Ngibona ithuluzi; angilizwa, ngilihogele, ngilithinte, ngilinambithe, kepha munye kuphela umuzwa oxhumana nalo.

63 Manje, niyizwile inkulumo endala, "Ngivela eMissouri, nifanele ningibonise." Niyabo? O, kubizwa nge "sifunda sika-ngibonise." Manje, ake ngikubonise ukuthi kuyinhlekisa kangakanani lokho kuphawula. Manje, impela akunakwenzeka kimi ukuthi ngisebenzise umuzwa wokubona ukwazi ukuthi ithuluzi lisekhona lapho, othize ubengeza walithatha ngemuva kwami, akunakwenzeka. Angiliboni, lingemuva kwami, kodwa likhona lapho.

64 Manje, ukubona akusikho ukukholwa, niyabo, ukubona akusikho ukukholwa, ngoba nginomunye umuzwa, owukuthinta. Futhi ukuthinta kungukukholwa lapha, futhi kungokoqobo njengokubona, ngoba ithuluzi. Ngiyalizwa, intamo kulo, ngizwa izintambo kulo, ngizwa izikhiye ezibophe izintambo. Niyabo? Ngakho-ke, ukubona akusikho ukukholwa. Ngiyakholwa nje njengoba lilapho ngokungathi bengilibhekile. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

65 Manje, into efanayo yanoma yimuphi omunye umuzwa. Manje, lapho abantu besho ukuthi "ukubona kungukukholwa," kuwubuwula esitatimendeni sabo siqu. Niyabo? Ku—kuyi—kuyihlazo kubuhlakani babo, ukucabanga ukuthi ukubona kungukukholwa, lokho kulahla yonke eminye imizwa.

66 Manje, isibonelo, asithi leli bekuyibhodlela lesiqholo, sithi nje bekuyisiqholo. Kulungile. Manje, ngi—ngiyakubona, futhi ngiyakuthinta, kusobala, ngezandla zami. Kodwa, kuthiwani uma ngingakuboni, futhi ngangakwazi ukukuthinta, futhi nokho, othile ubeyokucosha, futhi bengingaboni futhi ngingakuthinti, futhi kusondela kimi, ngingakutshela ukuthi bekulapho, ngoba umuzwa wami wokuhogela uqala ukusebenza, niyabo, lapho eminye imizwa yami ingakumemezeli. Manje, niyakuthola engikuqondile na?

67 Manje, "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto" ongaziboni, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, noma uzizwe. Niyabo? Empeleni umuzwa, ukuthi uyakwazi, akukho ukusuka kukho, uqinisekile. Khona-ke kukhona okuzokwenzeka, ngenkathi unalokho.

68 Njengoba bengiphawula kaningi: Ukuba-ke bengimi phandle lapha phezu kwesinye saleziziqongo zezintaba ngibulawa indlala, futhi kungekho-muntu onganginika noma iyiphi imali, nolofu wesinkwa esinga—ebesingasindisa ukuphila kwami, futhi uze ngapha futhi wangidabukela, futhi wanginika ulofu wesinkwa, noma, mhlawumbe, uthi unginika amasenti angamashumi amabili nanhlanu? Usho—usho ukuthi leyo intengo yokuthenga ulofu wesinkwa, unginike amasenti

angamashumi amabili nanhlanu. Awu, ngingajabula nje ngamasenti angamashumi amabili nanhlanu esandleni sami, njengoba bengingajabula nginolofu wesinkwa esandleni sami. Kungani na? Nginamandla okuthenga ulofu wesinkwa. Into kuphela engiyenzile, ngukuhamba ngiye lapho, esitolo, futhi ngizitholele ulofu wesinkwa. Kodwa manje, khona manje, nginamandla okuthenga ulofu wesinkwa, athenga ulofu wesinkwa; lokho ngukukholwa.

69 Ukukholwa akubuki neze bese kuthi, "Angizizwa ngingcono; angiboni kangcono; angizwa kangcono." Niyabo? Kuyajabula, ngoba usuvele unamandla okuthenga okuphulukiswa kwakho. Niyabo? Ujabule nje, njengoba nje . . . wazi nje kahle njenganoma yini osuvele ukutholile, ngoba unentengo yokukuthenga, okuwukukholwa. Niyabo? Ukukholwa akuxegi neze.

70 Awu, ngizobuyela endikimbeni yami. Kulungile. Kodwa, ngicabangile nje ukuthi ngizokuyeka lokho kanjalo ukuze nibone ukuthi kujule kunalokho abantu abakusho ngokungaqondile, "O, ngi—ngiyakukholwa." Uyakukholwa ngokobuhlakani, kodwa uma ukukholwa ngempela, konke okukuleliBhayibheli kungokwakho. Niyabo? Ukukholwa kwakho, kuthenge. Niyabo? Nansi izimpahla, zilele lapha nje, uNkulunkulu, qobo lwaKhe, esesimweni sencwadi, nokukholwa kuleloZwi kukuthengela into, kuyayifeza, kuyenze iphile.

71 Manje, ngangise . . . ngakhuluma eKiwanis Club esikhathini esithile esedlule, futhi kwakukhona udokotela wangitshela lokho, wathi, "O, ngiyakholwa, Billy. Ngi . . . " Ngangikhuluma ngesiguli esithize ayesidelile, futhi iNkosi yaphulukisa. Wathi, "O, ngi—ngiyakholelwa ekukholweni, ukukholwa."

Ngase ngithi, "Manje, awume kancane. Hlobo luni lokukholwa okhuluma ngalo na?"

72 Wathi, "Ukukholwa nje." Wathi, "Ngikholwa ukuthi uma leyondoda ibingaphumela lapha, futhi ibeke isandla sayo esihlahleni, futhi ikholwe ukuthi ibizosinda, iyosinda ngokufanayo nje, njengalokho omunye ayemkhulekele khona."

73 Ngathi, "Manje, ubani . . . ngitshele, dokotela, uyindoda ebukeka inobuhlakani, umuntu ubengaba kanjani nokukholwa ngoku 'beka isandla sakhe esihlahleni bekuyomphulukisa'? Ufanele ube nokukholwa kokuthile, neBhayibheli lathi, 'Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu.' Lokho kuyakusekela, ukukholwa kwakho kunesisekelo, ngoba uNkulunkulu wakuthembisa."

74 Njengo-Abrahama, ngani, ngenkathi e . . . umkakhe wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala futhi yena enamashumi ayisikhombisa nanhlanu, ngani, babehlale ndawonye, owesifazane . . . bashada ngenkathi eseneminyaka eyishumi nesithupha, eyishumi nesikhombosa ubudala, owesilisa wayemdala ngeminyaka eyishumi

kunowesifazane, kwakungudadewabo ingxenye. Futhi emva kokuba sebephile njengendoda nomfazi yonke leminyaka, ake sibone, amashumi ayisithupha nanhlanu, wayeneminyaka eyishumi, eyishumi nanhlanu esedlule ekunqamukeni kokuya esikhathini.

75 Manje, nakhu kwakukhona u-Abrahama, amashumi ayisikhombisa nanhlanu, ikhehla, noNkulunkulu wabonakala kuye, wayesethi, bazoba nengane. Ngani, he, lokho kwakukuhle nje ku-Abrahama njengokuba nengane, wayesenayo kakade, maqondana nalokho.

76 Bekungenzeka . . . Awu manje, ngesinye isikhathi ukukholwa kuzokwenza wenze izinto ezihlekisayo ezweni. Manje, ungacabanga nje izithandani ezindala kanjalo zehla, zilungisa igumbi esibhedlela na? Babeyothi, "Kungcono uvalele lowomfo omdala, kukhona okungalungile ngaye, udinga ukubona udokotela wengqondo noma okuthize."

77 Kodwa, u-Abrahama wayenokukholwa kulokho uNkulunkulu ayekusho. Manje, izinsuku zokuqala zedlula, isikhathi esivamile sezinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili. Ngiyambona eya kuSara futhi ethi, "Uzizwa kanjani, s'thandwa na?"

"Awukho nhlobo umehluko."

78 "Ngani, udumo kuNkulunkulu, sizoba naye noma kanjani." Niyabo? "Lungisa zonke izicathulo ezingamasokisi zomntwana, nophini, nengubo engamgqabhagqabha, lungisa yonke into, ngoba sizoba nengane."

"Wazi kanjani?"

"UNkulunkulu usho njalo, lokho kuyakuxazulula." Kwadlula iminyaka eyishumi. "Uzizwa unjani s'thandwa?"

"Akukho okuhlukile."

79 "Udumo kuNkulunkulu. Yiminyaka eyishumi ngaphezulu yesimangaliso kunalokho obekungaba yikho uma kwenzeka emuva lapho. Kuzoba njalo noma ikanjani." Kwadlula iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Manje useneminyaka eyikhulu, kanti yena uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye. "Uzizwa unjani s'thandwa?"

"Akukho okwehlukile."

"Udumo kuNkulunkulu. Sizoba nayo noma kanjani. UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo." Manje niyabo?

80 NeBhayibheli lathi, "U-Abrahama akazange angabaze esethembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu." Manje, thina, uma sikuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso. Ngabe kunjalo na? Manje-ke iNzalo

ka-Abrahama yeqiniso yayingasibona kanjani isithembiso sikaNkulunkulu lapha, bese-ke ikhononda ngokuba nesisu esibuhlungu, noma isandla sakho singaqondile kahle, nokho, ngenkathi uNkulunkulu enza isithembiso na? Amen. Uma ulinda iminyaka engamashumi amahlanu, kwenza muphi umehluko na? U-Abrahama wakwazi ukuzuza isiqu sikayise wezizwe futhi waba nomntwana, ngoba wayekholwa futhi waqinisela ekukholweni kwakhe. Ngani, wayengaba nesineke, uNkulunkulu wayekuthembisile! Futhi uNkulunkulu u... Wakholiseka, ngokugcwele, ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukwenza lokho Ayekushilo. O, he! Mm!

81 Ingakwenza kanjani iNzalo ka-Abrahama, iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama, iBandla likaNkulunkulu ophilayo, libuke phezu kwesithembiso, bese-ke lingasikholwa na? IZwi likaNkulunkulu laPhakade, "NginguMvini, nina ningamagatsha." Niyabo? "Nihlala kiMi, neZwi laMi kini, celani enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa." Niyabo? O, yeka izithembiso Asinika zona! Besingazicaphuna. Kodwa, u—ungaba nesineke kuphela lapho ubambe iZwi.

82 Manje, uma omunye eza, wathi, "Udumo kuNkulunkulu, yizwa lokhu. Haleluya! Nginakho ezandleni zami." Manje, bengingeke ngibe nesineke kakhulu ngalokho, niyabo, ngoba akukho-muntu ongakuphulukisa: Akukho muthi, akukho dokotela, akukho lutho olwake lwaphulukisa noma ubani, kodwa uNkulunkulu.

83 Ngifuna ningibonise udokotela ozishoyo ukuthi ungumphulukisi. Ngifuna ungiyalele umuthi ozokwenza noma yini ekuphulukiseni. AbakwaMayo ungababedlula bonke esinabo, ngiye ngaba nengxoxiswano lapho kabili. Bathi, "Asizisho ukuthi singabaphulukisi, Mnu. Branham, sizisho kuphela ukuthi sisiza imvelo, uNkulunkulu ungumphulukisi."

84 Bangayisika indawo, kodwa kuthatha indalo ukwakha izicubu ukuyiphulukisa ibuye. Bona...Manje, wena uthi, uyabalahla odokotela na? Akunjalo neze. Uma uphuka ingalo, udokotela ufundile ukuthi ingahlelwa kanjani leyongalo, kodwa akakwazi ukuyiphulukisa. UNkulunkulu uzofanele ayiphulukise, Ufanele akhiqize ikhalisiyamu nakho konke okungena ethanjeni, futhi akuhlanganise ndawonye lokho, futhi ayiphulukise. Uyayihlela kuphela.

Uma uphuke ingalo yakho, futhi waya kudokotela, futhi wathi, "Yiphulukise, dokotela, ngifuna ukuqeda ukugeza izitsha zami."

Ubeyothi, "Udinga ukuphulukiswa kwengqondo." Lokho kungaba ngokulungile. Niyabo? Kodwa u—ufanele u... Udokotela uyayihlela, kodwa uNkulunkulu unguMphulukisi.

85 Ungeke walenza iZwi likaNkulunkulu liqambe amanga. Wathi, "NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho Ophulukisa zonke izifo

zakho." Futhi abakaze babe nomuthi ongaphulukisa. Akekho udokotela osho ukuthi uyaphulukisa. Ubulala amagciwane kuphela kuyilapho uNkulunkulu ephulukisa. Uhlanza kuphela isilonda, noma—noma into enjalo.

86 Noma, thatha isandla sakho, udokotela usebenza ngemizwa emimbili, lokho angakuzwa ngezandla zakhe noma akubone ngamehlo akhe, angazizwa isimila, uthi, "Ya, unesimila lapho, ngisisikile." Manje, usika imbobo phakathi lapho, futhi uyasisika asisuse. Manje, akazange asiphulukise, wasika isimila. Ubani ophulukisayo na? Uyathunga, kodwa uma uNkulunkulu enga—uma uNkulunkulu engakuphulukisi, kuyohlala kungaleyondlela, niyabo, kuyohlala kunjalo. Angalikhipha izinyo, kodwa ngubani ozophulukisa indawo eliphuma kuyo na? Angahlela ingalo, kodwa ngubani ozoyiphulukisa na? UNkulunkulu unguMphulukisi.

87 Ngakho, niyabo, uma uthola iZwi likaNkulunkulu kuwe, ngokukholwa ukukholwa leloZwi, kukhona okuzokwenzeka, futhi awusoze wakukhulula. Kulungile.

88 Ngicabanga ngobaba wesizwe sakithi, o. . . okuthiwa nguGeorge Washington. Ngangihlala ngimhlonipha kakhulu uMn. Washington ngoba wayengumKristu.

89 Futhi ngaphambi kweValley Forge, ngenkathi ekhuleka ubusuku bonke golokonqo eqhweni, waze waba manzi ngaphezu kokhalo lwakhe, namasosha akhe, izingxenye ezimbili kwezintathu zawo zingafake ngisho nezicathulo, zazisonge izinyawo zazo nganoma yini ezazingazisonga ngazo, futhi isimo sezulu esinguziro, nomfula waqina wabayiqhwa wonke, ngalobobusuku wakhuleka waze waba manzi kwaze kwakhuphuka kwathi ngqu okhalweni lwakhe, wabamba umbono ovela kuNkulunkulu, futhi ngosuku olulandelayo, wayephikelela kakhulu. Wawela umfula kungakhathaleki ukuthi. . . Izihosha zeqhwa azizange zimvimbe. Nezinhlamvu ezintathu zama-maskethi zabhoboza ijazi lakhe, futhi wahamba waya ekunqobeni. Kungani na? Wayephikelela. Wakhuleka waze wabamba uNkulunkulu, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wayetheni. Yilokho-ke. Angase aphikelele ekuzuzeni ngempumelelo.

90 Futhi into yokuqala, ukuzuza ngempumelelo kwakho kungenhloso yakho kuphela nenjongo yakho. Inhloso yakho ifanele ibe ngelungile futhi injongo yakho ifanele ibe ngelungile. Uma injongo yakho ilungile, nenhloso yakho ingalungile, khonake ngeke kwenzeke. Ufanele ube nenhloso elungile futhi Ufanele ube nenjongo elungile. Bese kuthi-ke ukuthathela ekuholeni kukaMoya oNgcwele enhliziyweni yakho futhi uhlale nakho, uNkulunkulu uzokufezekisa.

91 UNowa, indoda enkulu kaNkulunkulu, wayephikelela kakhulu ezinsukwini zakhe. Waphila onyakeni onobuhlakani

ngokwedlulele kunesiphila kuwo, onyakeni wesayense kakhulu kunalowo esiphila kuwo, ngoba ngalezozinsuku bakha isivivane, sasingenakusakha.

92 Kade ngiseGibhithe ezivivaneni. IKhanda elikhulu eliqoshiwe lebhubesi, besingekwazi ukukhiqiza kabusha uma sesifanele. Abanye babo . . . Nalesosivivane sibekwe ngokomumo wendawo phakathi nendawo yomhlaba, kuze kube yilapho kungabibikho-thunzi ukusizungeza, akunandaba ukuthi ilanga likuphi. Niyabo? Futhi enye into, kukhona amatshekazi phakathi lapho, phezulu le emoyeni, ukuthi, asinamishini, awekho amandla kaphethiloli angake aphakamise lawomatshekazi phezulu lapho. Niyabo? Kodwa, bawakha. Babengakwazi ukukuzuza ngempumelelo. Babene—nendlela yokukwenza, mhlawumbe amandla e-athomu, amandla ehayidrojini, okuthize. Kodwa, amandla kaphethiloli namandla kagesi, ubungeke wenze umshini ube mkhulu ngokwanele ukuba uwuphakamisele phezulu lapho. Ngakho, bakuphakamisa kanjani phezulu lapho na? Futhi kuwukwakha ngamatshe okuphelele kakhulu, kangangokuthi awukwazi ukugijimisa insingo izungeze e—ezindaweni lapho ehlezi khona ndawonye, namakhulu ngamakhulu amathani. Bakwenza kanjani na? Bazakha kanjani na?

93 Babengenza izidumbu esigqunyisiwe, bathathe umzimba futhi bawugqumise osenezici ezibukekayo nanamuhla, ngemva cishe, cishe impela eminyakeni eyizinkulungwane ezine edlule, usabukeka uyimvelo, umbala esingeke sawuphindaphinda nhlobo. Babehlakaniphile, benobuhlakani. UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

94 Benazi yini ubuhlakani nokuhlakanipha kuwuphawu lwesono nokubhujiswa na? Landela ulibo lozalo lwa—lwabantwana bakaHamu. Bukani abantwana bakaKayini: Bonke baba, kwehle kuze kufike esikhathini sangaphambi kokubhujiswa ngozamcolo, babehlakaniphile, bekhaliphile, abantu abanobuhlakani, futhi babengososayense, bona, abakhi bensimbi, nokunye nokunye. Kodwa, abantwana bakaSeti babengabafokazi abathobekile, abaveza u-Enoke noNowa. Kodwa, laba abanye kwakungamadoda esayensi, abafundile, abahlakaniphile, abakhaliphile.

95 Akashongo yini uJesu ukuthi abantwana bobusuku bahlakaniphile kunabantwana bemini na? Wafanisa abantu baKhe namawundlu. Ukhona owake welusa izimvu na? Iwundlu, lapho lilahlekile, lilahleka ngokuphelele; aliyitholi nhlobo indlela yalo. Lifanele libe nomholi. Futhi yileyondlela esiyiyo, asifanele sazi okuningi kakhulu, okwenele nje ukuphilela uNkulunkulu; futhi uNkulunkulu unguMholi wethu osiholayo, kodwa ngeke siMvumele akwenze, sihlehla njengembuzi futhi—

futhi siqhubeke. Niyabo? Kodwa, thina . . . ku . . . Lokho—lokho yizimpawu zabo.

96 Futhi ngezinsuku zikaNowa, ngenkathi uNowa ephuma futhi ethi, "Lizokuna," washumayela iminyaka eyikhulu namashumi amabili ukuthi amanzi ayezokwehla ezibhakabhakeni. Kwakungakaze kube namanzi phezulu lapho, qhabo mnumzane, awakaze abe khona amanzi ezibhakabhakeni. Ungabacabanga labososayense bangalezozinsuku na? Lokho akuzange kuhlangabezane nemininingwane yabo yesayensi. NoMoya oNgcwele namuhla awuhlangabezani nemininingwane yesayensi. Kanjalo nezimangaliso nezibonakaliso zikaNkulunkulu azihlangabezani neyabo yesayense iminining- . . . abacabanga ukuthi kufanele kube ngokufanele, imininingwane eshiwo, bengizokusho, kodwa akwenzi mehluko, uNkulunkulu ukukhulumile, futhi kunjalo noma kanjani. Nokukholwa okungabamba kukho, kubambelele kukho.

97 Qaphelani, uNowa. Ngingambona usosayense omkhulu ephuma wayesethi, "Uyazi, kukhona ikhehla phezulu lapho egqumeni lakha uhlobo oluthile lwento, inqolobane enkulu yento enhla lapho esiqongweni segquma, lathi, 'Lizokuna, liyintantise, lizokwehlisa amanzi esibhakabhakeni.'"

98 Wenyukela lapho, athi, "Nowa, ake ngikubonise ukuthi u . . . unokuduka kwengqondo, kukhona okungalungile ngawe. Ngingathatha ithuluzi lami lapha bese ngidubula liye enyangeni, ngingathatha irada lami," izinto ababenazo ngalezozinsuku, ngoba uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," "futhi awekho amanzi phezulu lapho. Khohlwa yikho, wena-mfo omdala, qhubeka ubuyele ekulimeni kwakho, khohlwa yikho, awekho amanzi phezulu lapho, ugqonqela ize."

Kodwa uNowa wathi, "UNkulunkulu wathi kwakuzokwenzeka."

"Awu, uNkulunkulu uzowatholaphi," manje lalelani, "noma yini phezulu lapho, lapho kungekho lutho phezulu lapho ongawathola na?"

Wathi, "Uma uNkulunkulu ethe kuzoba nemvula, Uyakwazi ukubeka imvula phezulu lapho, ngoba uNkulunkulu washo njalo."

99 Akuzange kumvimbe nakancane, waba nesineke. Wakha phezu kwalokho, phezu kwento, ngoba, ehlanganisa into ndawonye, ngoba wayenesineke, ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo, namazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laKhe lingeke. Uzokwenza ukuzuza kwaKhe ngempumelelo kokusindisa labo ababefuna ukusindiswa. Impela.

100 UMose, ngani, wayengusosayense. Uhlanga lwabantu baseGibhithe lwalungabantu abahlakaniphe kunabo bonke emhlabeni ngalezozinsuku, kodwa uMose wayekwazi ngisho ukufundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha. Futhi wazama iqhinga lakhe lempi ukukhulula abantwana bakwa-Israyeli, alisebenzanga, wagijima. Ngenkathi iqhinga lakhe lezempi lesayense lingesebenze, uMose wabaleka esuka ebusweni babantu uNkulunkulu ayemthume ukuba abakhulule.

101 Ngesinye isikhathi, ngemuva kogwadule, isihlahla sasivutha, futhi uMose wema ukuze abone ukuthi kwakuyini, nePhimbo laphuma lapho laselithi, "Khumula izimbadada zakho, Mose, ngokuba ipla-. . . umhlabathi omi kuwo ungumhlabathi ongcwele." Futhi uMose wangena phambi kweNkosi, futhi iNkosi yacaphuna umBhalo, "NginguNkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka, noJakobe, futhi ngiyasikhumbula i. . . Isithembiso sami ku-Abrahama, nesikhathi sesiseduze, futhi ngiyakuzwa ukububula kwabo ezansi lapho eGibhithe, futhi ngehlile. Ngikuthumela ezansi lapho ukuba ubakhulule."

102 UNkulunkulu njalo usebenza ngesisebenzi: umuntu. Umuntu uyisisebenzi sikaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, hhayi izivumokholo, hhayi amahlelo, kodwa umuntu. Niyabo? UNkulunkulu akazange asebenze ngemishini noma akazange asebenze ngamahlelo, bayafa ngokushesha nje lapho behlela, lokho kukuxazulula ingunaphakade. Ngitshele, ngifuna usomlando ukuba asukume, futhi angitshele lapho ibandla elake lahlela elingazange liye othulini, ngaso sonke isikhathi. Kunjalo impela. Ngamunye wabo, Uwabeka eshalofini, onke ayimikhiqizo yebandla eliKatolika, inhlangano yokuqala.

103 Upapa ongasekho, upapa manje, loJohn XXII nguye, ngicabanga ukuthi bambiza kanjalo, wakhipha isimemezelo, ngiqagele amaphepha enu aseCanada akuqukethe, wathi, "Onke amabandla: Buyelani lapho iBandla liqala khona, eRoma."

104 Ngifuna noma yimuphi umuntu, noma yimuphi usomlando, ukuba angikhombise lapho iBandla liqala khona eRoma. Ihlelo liqala eRoma, kodwa iBandla liqala eJerusalema ngosuku lwePhentekoste, yilapho iBandla elaqala khona. Uma nifuna ukubuyela ekuqaleni, sengilungele ukubuyela emuva nopapa, ekuqaleni, kunjalo impela, uma nifuna ukubuyela lapho iBandla laqala khona.

105 Kodwa manje, inhlangano, iBandla eliRoma Katolika, liyibandla lokuqala elihlelekile emhlabeni, futhi lingumama wakho konke. NeSambulo 17 sathi laliyisifebekazi, namadodakazi alo ayeyizifebe, izifebe, futhi onke azobhujiswa, kunjalo impela. Manje, lelo yiZwi leNkosi, ya, niphikisana naYe, niyabo, hhayi mina, ngoba ngicaphuna nje lokho Ekushoyo. Qaphelani, lokho kuyiqiniso. Bese-ke sigona kulezozinto, futhi, ngani, kubi kabi.

106 UMose, ngenkathi eba nalowombono ovela kuNkulunkulu, neNkosi yabonakala kuye, futhi Yacaphuna iZwi laYo lesethembiso, uMose wayesendleleni yakhe ngqo eyehlayo. Manje, ngesinye isikhathi lapho ukholwa uNkulunkulu, kukwenza uziphathe ngobuthutha kabi kakhulu kubantu. Ungathini nje, ikhehla manje, nangu uMose manje oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi ucashe emuva lapho ogwadule emsebenzini uNkulunkulu ayemthumele ukuba awenze. Kodwa, ngenkathi efika kulezo zihlabathi ezingcwele ngesinye isikhathi, lapho ososayensi abakwazanga ukukuchaza bakususe kuye . . .

107 Akukho-muntu ofanele ukushumayela iVangeli aze kuqala ahlangane noNkulunkulu ezihlabathini ezingcwele, lapho okungekho-muntu ongakususa kuye; udeveli angeke anyathele kuleyo mihlabathi engcwele. Wawulapho ngenkathi kwenzeka, futhi uyazi ukuthi ukhuluma ngani, akunandaba ukuthi kungaki okwesayense *lokhu*, futhi kungakanani *lokho*.

108 Ukuba-ke uMose wayethe, "Ngikholwa ukuthi ngizoya ngaleya bese ngikha amanye amaqabunga esihlahleni, bese ngehlela endlini yokucwaninga yesayense, futhi ngiwahlole, ngibone ukuthi kungani engashi na"? UNkulunkulu wayengeke akhulume naye, kodwa wavele wahlala phansi wase ekhuluma naSo.

109 Yileyondlela yokwenza, uhlale phansi ngqo futhi ukhulume noNkulunkulu, Uzokuphendula. O, ngezinye izikhathi lapho wenza lokho, kukwenza wenze ngokuxakile ezweni lonke.

110 Ngosuku olulandelayo, nali ikhehla manje, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, amadevu elenga le phansi *kanje* nempandla yalo icwebezela, umkalo ehlezi phezu komnyuzi nengane enqulwini yakhe, *kanjalo*, nenduku esandleni sakhe. Nangu ehla, empongoloza, "Udumo! Haleluya! Wehlela eGibhithe ukuyolidla."

"Uyaphi, Mose na?"

"Ngiyehla ukuyodla iGibhithe." Ukuhlasela kwendoda eyodwa. Kuwubuwula lokho. Kodwa, kwakuyini na?

"Mose, awusho, Mfowethu Mose, uyaphi na?"

111 "Ngehlela eGibhithe, ngehla ukuyolidla." Njengoba nje, ukuhlasela kwendoda eyodwa idla iRashiya. Niyabo? Omkhulu, wathola lonke izwe labhaxabulwa, kodwa, "Ngehla ukuyolidla," nenduku esandleni sakhe.

"Uzokwenzani ngayo, Mose?"

112 "UNkulunkulu wathi, 'Bamba lenduku uqhubeke.' Ngakho-ke, nakhu ngihamba." Ukuhlasela kwendoda eyodwa, inhlekisa emqondweni wenyama. Kodwa, wakwenza. Ngani? UNkulunkulu washo njalo. Amen. Sekwanele lokho.

113 Ngiyababona abanye babapristi bema futhi, abakwaMidiyani, futhi bethi, "Manje, awume kancane, Mfowethu Mose, ube ngumelusi omkhulu wezimvu ophumelelayo lapha, awufanele wenze okuhlekisayo kanjalo."

114 "Kodwa, niyabo," wathi, "ngahlangana noNkulunkulu, noNkulunkulu wangitshela ukuba ngihambe ngikwenze," futhi wakwenza. Lapho ukucwaninga kwakhe kwesayense nakho konke kwehlulekile, iZwi likaNkulunkulu lingehluleke, ngakho, uMose wayenesineke. Wabulala umGibhithe oyedwa, wase egijima ngenxa yokwesaba abantu; futhi wehlela lapho, ngemva kwalokho, wase ebulala sonke isizwe, ephethe induku egwegwile esandleni sakhe.

115 Niyabo, uNkulunkulu wenza izinto eziwubuwula kakhulu emqondweni wenyama ongazi lutho ngoNkulunkulu, kodwa bacabanga ukuthi bayazi. Niyabo? Ngani, uNkulunkulu uhleka ukungazi kwabo. Kodwa Uthatha abathobekile ngenhliziyo abayolalela, futhi banake lokho Akushoyo. Kwakuyinhlekisa, kodwa uNkulunkulu wakwenza.

116 UMose wayenesineke. Mmise? Waphonsa induku yakhe phansi, njengoba senzile izolo ebusuku, yaphenduka inyoka, kwase kuthi-ke laba abanye abafo baphonsa izinduku zabo phansi zase ziphenduka inyoka. Wayenesineke, wama lapho nje wayesethi, "UNkulunkulu wami ungithumile, Uyakwazi ukulungisa leyonto." Inyoka yakhe yagwinya enye, wathi, "Nakho la ukhona." Amen. Yebo, mnumzane.

117 Wayenesineke ngoba wayezwe uNkulunkulu, wayenokukholwa kulokho uNkulunkulu athi kwakuyiqiniso, ngoba kwakungumBhalo. UNkulunkulu wayekwethembisile lokho ngomBhalo.

118 Uma ubona uNkulunkulu ethembisa noma yini, bese-ke ephenduka futhi aqinisekise lokho Akwethembisile, khona-ke ungakwazi ukuba nesineke. Mm, yini ebingenzeka na? Uma abantu bengake babambe, futhi bavule imizwa yabo endikindiki isuke kuNkulunkulu, futhi benyukele kuMoya oNgcwele, futhi baMbambe, futhi babone lapho ukuthi nguNkulunkulu, Wakwethembisa.

119 Abanye babo abanaso ngisho nesibindi sokuthoba. Kunjalo. Abantu, bona, abanye babo bayovele . . . abakukholwa nje lokho, ayikho indlela yokuba ubatshele, ngoba bamiselwa ngaphambili kulokho kulahlwa. IBhayibheli lasho njalo, kuJuda, lathi, "Amadoda asendulo, amiselwa ngaphambili kulokhu kulahlwa, ephendula umusa kaNkulunkulu ube ngamanyala." Kunjalo impela! Bekungeke yini kube yinto embi kakhulu ukwazi ukuthi ubufunda futhi uzwa iBhayibheli lishunyayelwa kuwe, wase-ke ungaLikholwa na? Into embi kanje uku . . . leyo yi—leyo yinto embi ukwedlula zonke engaziyo ngayo, ngabantu abangayikulikholwa iZwi likaNkulunkulu.

120 Manje, uDavide, uDavide wayengumfana omncane wendwayimane emuva lapho, wayenendwayimane esandleni sakhe, futhi wayelusa izimvu zikayise. Ingonyama yangena, yathatha eyodwa, yagijima yaphuma, futhi wethemba uNkulunkulu futhi wabulala ibhubesi ngendwayimane, ibhere langena lathatha eyodwa, walibulala ibhere.

121 Futhi ngoluny'usuku, wayengale ngasebuthweni leNkosi, ekhuphulela kubafowabo amagilebhisi omisiwe no—nokunye nokunye ukuba badle, ophaya, mhlasimbe, unina abenza. Futhi ngenkathi eselapho, ngaphesheya kwakukhona amaFilisti, futhi lapho babeno—noGoliyathi, umdondoshiya omkhulu wendoda, iminwe engamayintshi ayishumi nane, emi phandle lapho, wathi, "Nginombono nani," yileyondlela udeveli enza ngayo lapho ecabanga ukuthi usekucindezele emphethweni. Wathi, "Nginombono nani bafo. Masingabi nokuchitheka kwegazi. Manje, makuphume umuntu, alwe nami, uma bengibulala, khona-ke izwe lami lonke lizonikhonza, bese kuthi-ke, uma mina ngibabulala, khona-ke izwe lenu lizosikhonza." O, impela, uSathane wayejabule ukwenza isivumelwano esinjalo, ngakho, wayazi ukuthi akekho owayezokwenza.

122 Futhi lapho, uSawule, indoda yomkhonto eqeqeshwe kahle, iqhawe kusukela ebusheni balo, emi lapho ikhanda namahlombe ngaphezu kwebutho lakhe, emuva le ngemuva esaba ukuhlangana naye. Kodwa ngoluny'usuku, wenza i—waphumelela ngenkathi u—umfo olungile emi eduze, omdladlana onamahlombe aqhothile, iBhayibheli lasho, umfana obukeka ebomvana emi lapho, uDavide.

123 Futhi waphendukela kubo, wathi, "Niqonde ukungitshela ukuthi nina, impi kaNkulunkulu ophilayo, nizoma lapho futhi nivumele lowomFilisti ongasokile adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na?" Wathi, "Ngizohamba ngilwe naye, uma ningenaso isibindi, ngizohamba." UNkulunkulu uhlale njalo enomuntu ndawo ndawo, onesibindi oyosukuma futhi akhulume iqiniso, futhi alilandele.

Wathi, "Ngi—ngizohamba ngilwe naye."

"Ngani," bathi, "awulutho kodwa osemusha, futhi uyi . . . buka, ngani, awumkhulu neze njengengalo yakhe."

Wathi, "Lokho akwenzi mehluko."

124 Ngakho, kwenyukela kuSawule, noSawule wenyuka, wathi, "Manje, Davide," wathi, "Ngiyasazisa isibindi sakho, ndodana, kodwa awunaso isipiliyoni sokulwa kwababili, ngakho mhlawumbe kungcono ugqoke ibhantshi lami," wagqoka izikhali zakhe futhi zapatalelisa uDavide omncane.

125 Kungifaka emqondweni, wathola ukuthi ibhantshi lakhe lobufundisi aliyilingananga indoda kaNkulunkulu. Kungaleyondlela namhlanje, funda eyakho iPh.D., eyakho

iLL.D., nokuthi ungalwa kanjani nezivumokholo, nezinto, wayengeke alwe naye.

"Qhabo," washo, "yisuse kimi leyonto," wathi, "angikaze ngikufakazele okwamanje. Mangihambe nalokho engikwaziyo ukuthi uNkulunkulu ukubusisile." Amen.

126 UNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Kunjalo. Mangihambe neZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wethembisa ukubusisa iZwi laKhe, futhi ngeke Libuyele kuYe lilambatha. Akunandaba ukuthi bangaki abazama ukukukhahlela ngaphandle, hlala khona lapho kuleloZwi, uNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyosinakekela isimo.

UDavide wathi, "Ngizohamba ngilwe naye." O, he! Wayenesineke.

Abafowabo bathi, "Ngiyazi ukuthi ugangile wena. Hamba ubuyele kubaba wakho nakulezozimvu laphaya egqumeni."

Kodwa, uDavide akakwazanga ukukwenza, ngoba uNkulunkulu wayesevele ebambelelise okwehange. Wathi . . .

"Ngani," wathi, "leyondoda izophonsa umkhonto wayo kuwe," nalokho konke ezokwenza, nakho konke lokhu.

127 Wathi, "Kodwa, ngangelusa izimvu zikababa, futhi uNkulunkulu wangisiza ukuba ngikhiphe i—izinyane emlonyeni wengonyama, nebhere," nokunye nokunye. Futhi wathi, "UNkulunkulu obengathatha . . . avumele . . . angikhulule ezidladleni zaleyo ngonyama nasezidladleni zebhere, Uzonginika ukunqoba kakhulu kangakanani kulowomFilisti ongasokile, odelelayo, ethi, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule,'" lesosivumokholo esikhulu sehlelo esizama ukubeka izibonakaliso zikaNkulunkulu emuva le emuva phakathi *lapha*, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngale esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, lapho uzobe ungongafi. UNkulunkulu unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma kwake kwaba khona uNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Impela. Wayelapho-ke. Futhi niyazi ukuthi kwenzekani endabeni. Yebo.

128 UJohane umBhaphathizi, ngenkathi ephuma . . . Manje, asinabo ubufakazi obuningi ngoJohane. Wayeyi—indodana yompristi, kodwa akazange alandele ihlelo noyise, akakwenzanga lokho, wayenomsebenzi obalulekile, wayezoba yilowo obizwe emlandweni ukuba amemezele uMesiya. Wahlala ehlane waze waqiniseka, uNkulunkulu waze wahlangana naye. Akazange ehle futhi azilulaze ngezivumokholo zabo nokunye nokunye ababenakho, befunda ukuba ngabapristi nakho konke lokho; waphuma ehlane futhi waphila ngezintethe noju lwasendle, futhi akabuzanga lutho kunoma ubani, kodwa wahlala lapho. Futhi uNkulunkulu wakhuluma kuye ngolunye usuku wayesethi, "Manje, nizomazi loMesiya. Manje, lapho Efika, noma ubani enibona uMoya wehlela phezu kwakhe

futhi uhlala kuye, lowo nguYe engimbizile, Uzoba nguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele nangomlilo."

129 Manje, ukuba uJohane wayehlile, futhi wathola isipiliyoni sakhe sasekolishi lezenkolo nakho konke, wangena, iD.D. enkulu, niyazi. Abanye bodokotela bobuNkulunkulu babengathi, "Johane, siyaqonda, ngokokuzalwa kwakho emuva lapho, ukuthi wabunjwa kumama wakho ngenkathi esengu, isalukazi no—nokunye nokunye. Futhi manje, wena, akungabazeki kodwa ukuthi uzoba nguye ozokwethula uMesiya. Wathi wawuzoba 'yizwi lomemeza ehlane.' Awucabangi ukuthi uDkt. Jones lapha ungumfo nje na? O, mbuke, angavele nje . . . " O, niyabo? Ngani, kungenzeka ukuthi wakholiswa, kodwa uJohane wazigwema kuwo wonke lowomdedo. Wahlala phandle ehlane waze wezwa ngoNkulunkulu.

130 O, ukuba abantu bebengavele basuke kuwo wonke lombhedo, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into efana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu," futhi babe bodwa ndawo ndawo, futhi bahlale noNkulunkulu uze uzwe leloPhimbo lithi, "NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho owelapha zonke izifo zakho; onguye izolo, namuhla, naphakade." Yilapho othola khona uNkulunkulu.

131 Manje, wayeqinisekile kakhulu, ephikelela kakhulu, waze washo lokhu, wayazi ukuthi uMesiya wayeyovela esizukulwaneni sakhe, wathi, "Kukhona Omi phakathi kwenu khona manje eningamaziyo." Wayazi ukuthi Wayesemhlabeni ngalesosikhathi, ngoba wayezoMethula. O, wayephikelela, impela.

132 USamsoni omncane wayephikelela ngenkathi ephumela lapho, futhi lapho . . . Omunye unoSamsoni . . . Ngake ngabona isithombe sikaSamsoni ngale endaweni yokugcina amagugu yamaGreki, nendalo. Kwakuyinhlekisa, kukhombisa ukuthi umqondo wenyama ungacabangani uma ungaguqulelwanga kuKristu. U-Eva emi lapho, isilo esibukeka kabi kakhulu engake ngasibona. O, ucabanga ukuthi uNkulunkulu, udala into enjalo na? Qhabo, mnumzane. Futhi u-Adamu, wayebukeka njengesiqhwaga sangaphambi komlando, angikaze ngiyibone into enjalo. Uyazi, uNkulunkulu wamenza waphelela. UNkulunkulu ma- . . . u-Eva wayengowesifazane omuhle kunawo wonke owake waphila, isifanekiso sokuqala sikaNkulunkulu sobufazane, impela kwakunjalo.

133 Futhi lapho babenoSamsoni namahlombe angangeminyango ye—yenqolobane. Manje, bekungeke kube yimfihlakalo kimi ukubona indoda enamahlombe anjalo, izingalo ezingaba zinkulu *kangako*, ifinyelela phansi futhi ithole ingonyama, iyiklebhule ibe yizicucu, impela qhabo. Ngimbone ecosha amasango omuzi futhi ahambe nawo; ngani, mkhulu ngokuphindwe kathathu kunamasango, ubefanele akwazi ukuhamba nawo,

impela, ngokwalokho. Kodwa uSamsoni, uma ufuna ukwazi, wayengomncanyanyana nje omncanyana, umfana kamama omncane onamagoda ayisikhombisa elenga emhlane wakhe. Kodwa, wayengumNaziri eNkosini. Amen.

134 Manje, ngenkathi ibhubesi liphuma futhi libhongela uSamsoni, wayengenakuzisiza, kodwa, uMoya weNkosi wehlela phezu kwakhe, umgudu uNkulunkulu ayengasebenza kuwo, wayengesiwo umdondoshiya onobuhlakani, wavele waphuma lapho ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu futhi wayidwengula yaba izicucu. Manje, leyo yimfihlakalo ukuthi ubengakwenza kanjani lokho, umfo omncane kanjalo.

135 Futhi ngolunye usuku wayephandle ensimini, nenkulungwane yamaFilisti yamzungeza. Manje, labo makalabha bacishe babe iyintshi nohhafu wethusi, abalenga phezu kwekhanda lawo. Lawomajazi amakhulu amakhulu alokho abakubiza ngokuthi imeyili, ayeboshelwe phezu kwensimbi, ngezinye izikhathi ewugqinsi olunguhhafu weyintshi noma ngaphezulu, enqwabelana phezu kwelinye kwehle njalo, yileyondlela ababegqoke ngayo, onogada abakhulukazi lapha phambi kwemilenze, nokunye nokunye. Okukhulu . . . O, kwakungathatha umdondoshiya wendoda ukuwathwala, futhi kwakukhona inkulungwane yabo bemi lapho, futhi bazungeza uSamsoni.

136 Into kuphela ayefanele ayenze kwakungukufinyelela emuva futhi ezwe lesosivumelwano noNkulunkulu. Amen. Yilokho-ke. Futhi wabheka okuthize, futhi kwakukhona umhlathi womnyuzi ulel- . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . UmFilisti. Wayephikelela. Ngani? Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayembusisile; wayazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe, ayenakho esandleni sakhe, wakusebenzisa.

137 O, uma iNzalo ka-Abrahama namhlanje, abantwana bakaNkulunkulu, bengathatha lokho kukholwa okuncane eninakho, futhi nibe nesineke ngakho, uNkulunkulu uzokusebenzisa. Yebo. O, ku . . . ngi—ngiqala ukukhuluma, ngiyasuka endikimbeni yami.

138 Lona wesifazane ongumGreki, wezwa. "Ukukholwa kuvela ngani na? Ukuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu." Manje, wayengumGreki, khumbulani, kodwa niyazi, ukukholwa kuthola umthombo okungekho okunye ongakubona. Ukukholwa kuthola umthombo wakho iso lomuntu elingakuboni, kodwa kuyawuthola noma kanjani. IZwi laKhe liyiNkemba ebukhali esika nhlangothi zombili, amaHeberu 4:12, nokukholwa okubambe leyoNkemba.

139 Manje bukani, kukhona yonke into phandle lapha ukuqhelisa kuzo zonke izibusiso zikaNkulunkulu. Manje, omunye wayengacosha ukukholwa ngesincane, noma, iNkemba

ngesincane, isandla esibuthakathaka futhi kusike okunye okuncanyana ukwenza isivumo.

140 Namuhla, sizwa okuningi kakhulu ngezinqumo, "Senze izinqumo *eziningi kangaka*." Izinqumo zingamatshe, njengoPetru, izinqumo. Kodwa, kusizani ukuthi isigejane samatshe sinqwabelwe ndawonye, uma ungenaye umbazi wamatshe lapho onenkemba ebukhali esika nhlangothi zombili ukuwanquma abe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu na?

141 Kuyisizathu uBilly Graham athi eLouisville, waphumela lapho futhi wathethisa labo bashumayeli, ngenkathi ngihlezi khona lapho ekudleni kwakhe kwasekuseni, wathi, "Nina bashumayeli abangamavila, ngingena edolobheni," wayesethi, "ngi—nginemvuselelo futhi ngithole abaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, ngibuye ezinyangeni eziyisithupha, angiwatholi amashumi amathathu." Wathi, "Yini indaba na?" Wathi, "UPawulu wangena emzini, futhi waba nophendukile oyedwa futhi wabuya ezinyangeni eziyisithupha kamuva, futhi waba namashumi amahlanu ngaphezu kwalowo." Wathi, "Wayenabazukulu-babazukulu-babazukulu-babazukulu, njengoba kwakunjalo, emuva." Wathi, "Yinina bashumayeli abangamavila."

O, ngangifuna ukusho okuthize kumvangeli omkhulu, kodwa ngangiyinsimbi yokuzivocavoca nje, ngakho ngavele ngahlala ngathula.

142 Manje-ke, ngifuna ukubuza okuthize: Yimuphi umshumayeli oyivila owehluleka ukuthatha ophendukile kaPawulu na? uma kungabashumayeli abavilaphayo bebeke izinyawo zabo phezu kwedeski, futhi bengayi ukuvakashela abantu abenze amakhadi abo ezinqumo. Kungoba uPawulu wathatha lesosinqumo futhi wahlala lapho naso, waze wasisika saba sesimweni sikaJesu Kristu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi kwakuvutha kakhulu kwazenza qobo lwakho, khona-ke, ukuba kube okunye, hhayi izinqumo, uhambe nje uthi, "Ngenza isinqumo," qhubeka ngqo nalolonke izwe.

143 Manje, uBilly washo ukuthi ezinkulungwaneni ezingamashumi amathathu, akakwazanga ukuthola amashumi amathathu ngezinye izikhathi. Kungenxa yokuthi, into kuphela oyenzayo ukugingqela amatshe phezulu. Ungahle nje uwashiye ensimini uma ungeke uwasike, uwalungisele esakhiweni sikaNkulunkulu, wenze amadodana namadodakazi ngawo e. . . IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi lisika. Futhi kusho ukuthini *ukusoka* na? "Sika inyama esele," izwe. IZwi liyalisoka, lilisike.

144 Ukukholwa kubambe leyoNkemba, abanye bangasika ngokwanele ukuba bajoyine ibandla, abanye bangaqhubekela ezintweni ezijulile, futhi abanye bangasika yonke indlela badlule

ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kuncike engalweni eqinile yokukholwa ebambe leyoNkemba. Kunjalo. Kuncike ekutheni . . .

145 Wayenezithiyo eziningi, lona wesifazane wayenazo. O he, bengingabiza abangaphezu kwedazini, noma amabili, nginakho kubhalwe phansi lapha okungamthiya. Kodwa, ukukholwa kwakhe akubanga nasithiyo.

146 Ungahle ube nezithiyo. Umfundisi wakho angahle athi, "Uthamela umhlangano onjengalowo, ngizokukhipha ebandleni." Kulungile. Naso isithiyo sakho. Umyeni wakho angahle athi, "Ngizokushiya." Umkakho angahle athi, "Ngeke . . . angisoze . . . ngi—ngi—ngizo—ngizohlukanisa nawe." Ungahle ube nezithiyo eziningi, kodwa, uma unokukholwa, akunasithiyo, akwazi lutho kuphela iZwi likaNkulunkulu, futhi kuhlala naLo, kunjalo, iZwi likaNkulunkulu.

147 Bangahle ukuba bathi kuye, "UngumGreki. Leyo—leyondoda ayisiyo eyenhlangano yakho, ungumGreki. Awu, isigejane sethu—sethu asibaxhasi," noma ngabe kwakuyini.

148 Esinye isigejane ngahle ukuba sahlangana naye, sase sithi, "Ngani, izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into enjalo. Lesosigejane sabagingqiki abangcwele ezansi lapho asazi ukuthi sikhuluma ngani, lawomaJuda. SingamaGreki, sihlakaniphile, sifundile, siyazazi izinto, kodwa, singabantu abanobuhlakani, kodwa buka kulesosigejane sa—sabantu ezansi lapho, konke abakhuluma ngakho nje ngomunye uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo enza okuthile ngalendlela, edabula uLwandle oluBomvu, noma into ethize enjalo." Niyabo? "Kodwa, ungumGreki, uhlakaniphe kunalokho." Kodwa, ukukholwa kwakubambile, futhi wayephikelela, wahamba wadlula kukho, wakukholwa.

149 Khona-ke wahlangana nesigejane sabesifazane mhlasimbe, base bethi, "Uyazi ukuthini, othandekayo, Martha Luella," ngethemba ukuthi akekho noyedwa lapha onalelogama, ngibize igama elingavamile, "uyazi, Martha Luella, yini ezokwenzeka na? Umyeni wakho uzokushiya ngoba ungusomabhizinisi wedolobha, uma ukhonza ezansi lapho lokho okukhona." Kwenza mehluko muni lokho na? Umyeni noma engenkho umyeni, wayephikelela, wayenesineke, wayazi ukuthi wayemdinga uKristu, futhi wayezoMbona, ngoba wayezwile ukuthi WayenguMphulukisi, wayezokubona. Impela.

150 Ngahle omunye, olandelayo ngahle ukuba wathi, "Kulungile. Uma wehlela lapho, uzohlekwa, idolobha lonke lizokubiza ngegama elithile elibi, bayokubiza ngomgingqiki ongcwele, noma iPentecostal, noma okuthize. Uma wehla phakathi kwabo, uqinisekile ukuthi uzophawulwa." Wayephikelele, wahamba waqonda ngqo, mfowethu. Akukho okuzomvimba lowo wesifazane. Yebo, mnumzane.

151 Bese kuthi-ke omunye. Nakhu kufika umpristi, wayengowokugcina, wathi, “Uma uhamba, sizokukhipha ebandleni futhi sikuxoshe.” Lokho akuzange kumvimbe nakancane. Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Wayenesidingo, wahamba waqhubeka wehla, wayenesineke, wayezohamba abone uJesu.

152 Futhi manje, abantu abayinqwaba ucabanga ukuthi kuthi nje lapho bebona uJesu, sekuphelile, “Udumo kuNkulunkulu, nginombhaphathizo kaMoya oNgcwele, manje, ngizovele ngilale phansi futhi ngizikhululekele.” Ngani, a—awukabi yisikhonzi sikaMoya oNgcwele. Lalela, lapho unoMoya oNgcwele, khona lapho yilapho ushaya khona inkathazo yakho, yilapho inkathazo iqala khona. Ncamashi. Kungaleso sikhathi lapho ofanele ulwe khona, yilokho Okunikelwa khona, KuyiNkemba. Kunjalo. Khona-ke yilapho impi yakho iqala khona.

153 Manje, weza kwaze kwathi ekugcineni wafika lapho uJesu ayekhona. Manje, wayelwile kuyo yonke lemigoqo, enesineke. He, nangu eza, esika indlela yakhe edlula, “Izinsuku zezimangaliso lwedlule, akuhleke, umyeni wakho uyakushiya, ukhishwe ebandleni,” *noma yini enye*, “obizwa ngomgingqiki ongcwele,” na*noma yini enye*. Yena, enesineke nje, uyeza, manje uhlangana noJesu, wathi, “Manje sengikutholile, manje ngiseBukhoneni baKhe.”

154 Futhi qaphelani, kwathi nje E. . .wahlangana naYe wahlangana nokunye ukudumala. Ya. Wathi, “Angithunyelwanga ohlangeni lwakho.” O, yena impela uNkulunkulu ayemhlonipha! Futhi yini ayidelayo na? Ibandla lakhe nakho konke ayenakho.

155 Wayenendodakazi, yayikabi kakhulu, inesifo sokuwa, futhi yayizama ukufika kuJesu, ngoba yayazi ukuthi Wayephulukise abanye. Ngakho, kungani engakwazi, ukuphulukisa indodakazi yakhe na? Ngakho, yena owesifazane. . .Emva kokuba esemshiyile owesifazane, yonke into ayenayo futhi wakhuphukela kuYe, kwase kuba indumalo, yehliswa futhi. “Angithunyelwanga ohlangeni lwakho, ngithunywe kubantwana bakwa-Israyeli kuphela.”

156 Kodwa, niyazi ukuthini? Lokho akukuvimbi ukukholwa kwakhe. Qhabo, mnumzane. Wacindezela waqhubeka ngqo futhi. WaMbiza ngokuthi “iNdodana kaDavide.” Wayengeyona “iNdodana kaDavide” kuye. Kodwa, ngenkathi ethi, “Nkosi,” lokho kwakwehlukile, weza ngendlela elungile ngaleyonkathi. “Nkosi, ngihawukele!”

157 Wathi. . .Enye into, Wathi, “Anilutho kodwa isigejane sezinja. Angithunyelwanga kini.” Bukani ukuthi lowo wesifazane omncane ompofu wayenzeni, izinto ayedlule kuzo, yonke into ayeyicindezele ukuze afike kuYe, kwase kuthi-ke,

lapho efika kuYe, Wathi, "Angithunyelwanga esizweni sakini, futhi aniyilutho kuphela isigejane sezinja." Mm! He, he!

Noma kunjalo wayesenesineke. Impela. Ngani? Wayenokukholwa. O, emva kokuba Yena . . .

158 Lokho bekungeke kusebenze esigejaneni sabaseCanada, akunjalo na? noma isigejabe samaMelikana. Nibabiza ngenja, noma enye into, "Ngani, u—ungenye *itho ethize enye*, niyisigejane samaSheshi, akukho lutho kini," into enjalo. O! Bakithi. Wena, uqhunyiswe njengesele lidla inhlamvu. Beseke, ubungeke ube . . . Ngani, he! Ubungeke, uku . . . Uxolo ngalesi sipiliyo- . . . , noma, isisho. Bengingafanele ngabe ngisho lokho. Ngixoleleni. Kodwa ubunga—ubungacabanga okubi kabi ngalokho.

159 Ukuba uJesu wayethe, "Angithunyelwanga kini maSheshi. Angithunyelwanga kini maPentecostal. Niyisigejane, niyi-Assembly of God, nina Church of God, nina, noma ngabe niyini, angithunyelwanga kini, anilutho kodwa isigejane sezinja." O, he!

160 Ngike ngakubona lokho kubukeka okudumele, futhi ngithi, "Awu, ngeke ngizihlanganise naYe nhlobo, bekungalungile kwasekuqaleni. Ngizovele ngibuyele kwelami ibandla."

161 Kodwa hhayi yena, wayenokukholwa. Wayengesona isitshalo sesihlumelisa-mbewu, esibhasteliwe, njengabanye babo namhlanje abazibiza ngamakholwa, abakwazi ukuhlala bathule umzuzu eVangelini. Yilokho esinakho namhlanje, isigejane sezitshalo zesihlumelisa-mbewu, ufanele uzitotose ngaso sonke isikhathi, uzigcine zifuthiwe, izimbungulu zisuke kuzo. Kulungile. Uzitotose njengomthinyane, uhlikihla uboya bawo ngendlela eyodwa, uzohhona, kodwa wuhlikihle uye emuva kanye, futhi ukhombisa ukuthi unani kuwo. Kunjalo. Lokho kuyiqiniso ngempela.

Wayengeyena oshisayo . . . obhasteliwe. Noma yini ebhasteliwe iyichilo. Okubhasteliwe akunalo . . .

162 Ngani, bona u . . . ngibonile . . . Ngifunde isiqeshana kwi*Reader's Digest* maduzane nje, lapho bona, uma beqhubeka nokubhastelisa ummbila nezinto ezinjalo, abesifazane ngeke baze bakwazi ngisho ukuthola abantwana eminyakeni engamashumi amabili kusukela namuhla. Kuklebhula uhlanga lwabantu lube yizicucu futhi kubangela umdlavuza, nakho konke okunye. Kungokubhasteliwe, akulungile. Bathi, "O, thatha amaFunk," kumbe noma ngabe kuyini, ummbila obhasteliwe, "bangcono." Kuyinto enhle, olukhulu kakhulu, uhlamvu oluhle, kodwa akukho lutho kulo, luhlwanyele ulubuyisele, futhi lungeke lwenza ngisho lutho, alukwazi ukuzikhiqiza. Akukho okubhasteliwe . . .

163 Uthatha u—u—umnyuzi; umnyuzi ungokubhasteliwe. Uyini wona na? Uyise wayeyimbongolo yenduna, unina wayeyi—

ihhashi lensikazi. Futhi lokho . . . Uyinto yokungazi kakhulu ekhona, uzolinda impilo yawo yonke ukuze ukukhahlele ngaphambi kokuba ufe. Ungeke uwutshele lutho, ungeke wawufundisa lutho, uhlale nje nalawomadlebe amakhulu, amade, "O, o," uhambe, ukhulume nge "zinsuku zezimangaliso selwedlule. O, o, o, akulutho, sekwadlula." Niyabo?

164 Kodwa, o, ihhashi elihle lohlobo! Yebo, mnumzane. Iningi kakhulu inkolo yeminyuzi namhlanje, isigejane esingazi nokuthi siza kuphi. "Uyini wena, umKristu?"

165 "NgiyiMethodisti; ngiyiPresbyterian; ngiyiPentecostal; ngiyi *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*," okubhasteliwe. Awukwazi ukuzizalanisa kubuyele emuva. Noma yiliphi ihlelo lingokubhasteliwe, alikwazi ukuzizalanisa libuye emuva, lifile lapho likwenza.

166 Kodwa ihhashi elihle, elohlobo, lohlobo olufanayo lingakutshela ukuthi wayengubani ubaba walo, wayengubani umama walo, ubani umkhulu walo, ugogo, yonke indlela le emuva. Nowangempela, olungileyo, uhlobo olufanayo, umKristu ozelwe ngokusha, kaMoya oNgcwele, angahamba athi ngqu emuva ngoSuku lwePhentekoste. Haleluya! Unga—ungathi, "UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, phakade," lolohlobo olufanayo luyompongoloza, "Amen! Haleluya!"

167 Ebhasteliwe, inkolo ebhasteliwe, o, ibukeka iyinhle ngokwedlulele, impela. Amakhulukazi, amabandla amahle nezigidi zamadola kukho, nayo yonke into enjalo. Nomshumayeli angasukuma futhi—futhi akhulume kanjalo, cishe imizuzu eyishumi nanhlanu kuyo impela into ofuna akhulume ngayo, izimbali, noma enye into, noma ezombangazwe ezithize, bese kuthi-ke abuyele emuva. Futhi ungaba owebandla futhi udlale amakhadi, ugqoke izikhindi, wenze noma yini oyifunayo, uqhubeke uphila njengezwe, ucabanga ukuthi lokho kulungile, lokho kungokubhasteliwe kwakho, kodwa uma sekufika ezansi ekuPhileni, Akukho lapho.

168 Ngokuba umKristu ozelwe ngokusha, umuntu ozelwe ngokusha akasoze agwema nelilodwa iZwi likaNkulunkulu, umKristu ozelwe ngokusha uyofinyelela kulokho leloZwi elikushoyo.

169 Wayengesiye obhasteliwe, wayengesona isitshalo sesihlumelisa-mbewu, ufanele atotoswe. Futhi, uma umshumayeli eshumayela ngaphezu kwemizuzu eyishumi . . . Abanye babo bazoya ebandleni, futhi bahlale phansi emhlanganweni, uma usho into eyodwa abangayikholwa neyabo, "Mm, ngizophuma lapha khona manje." Akukhona ngisho ukuhlonipha okuvamile lokho. Kunjalo. Lokho kukhombisa ukuthi wenziwa ngani, lokho kukhombisa uhlobo lwabantu.

170 Uma ngiye ebandleni lamaRoma aKatolika, noma e—e, noma yikuphi lapho engiya khona, bengiyoba nenhlonipho

yokuhlala futhi ngilalele ize idlule into. Kunjalo. Kodwa ababhasteliwe namhlanje, niyabo, ba—bayazisho ukuthi bayamazi uNkulunkulu. UJesu wathi, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika: wobagwema abanjalo. Ngokuba yibo abangabahamba izindlu ngezindlu, behola abesifazane abayiziwula, abaholwa izinkanuko eziyizinhlobonhlobo," zonke izinhlobo zabesifazane.

171 Owesifazane wangitshela ezansi eMelika, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangingena ebandleni ngendlela ababenza ngayo, waye, izingubo ezindala, ezibukeka zingenasimilo kakhulu kanjalo, wayesethi, "Awu, manje, lalela lapha, Mnu. Branham," wathi, "NgingumMelikana, futhi lelo yilungelo lami engiliphiwe nguNkulunkulu."

Ngathi, "Kungahle kube yilungelo lakho oliphiwe yiMelika, kodwa akusilo ilungelo oliphiwe nguNkulunkulu."

Wathi, "Awu, awukwazi ukuthenga ezinye izingubo ngaphandle kwazo."

Ngathi, "Ake ngikutshele okuthize, dade, basayithengisa imishini yokuthunga nezimpahla, ngakho ungake uphume kulokho." Niyabo?

172 Yingoba nje inkanuko isenhliziyweni yabantu. Uma bezalwa ngokusha, ngeke bafune ukwenza leyonto. Sasinabashumayeli epulpiti, babewakhumula lawo magilavu obufundisi, futhi baphonse leloZwi phandle lapho, futhi babatshele iqiniso, futhi basike amaqatha, futhi bawayeke bawele lapho befuna khona, kodwa into yakho ingukuthi, thina . . . Kunjalo.

173 Yingalesosizathu singaziboni izibonakaliso nezimangaliso, futhi lapho zivela, kuyawamangaza amabandla, abazi ukuthi benzeni, futhi bahlehle njengoba benza ngalezozinsuku, bathi, "NguBelzabule, udeveli." Niyabo? Abazi nje.

174 Kungcono ngime futhi ngiqhubeke lapha. Awu, empeleni, angifuni ukukulimaza, kodwa ngifuna ukushefa kancane nje, ukuze wazi lapho omi khona. Lapho uhlangana nami eNkundleni yokwaHlulela, niyophendula ngakho. Khumbulani nje, nizophendula, ngoba nginitshela i—iZwi, iZwi likaNkulunkulu ncamashi.

175 Manje, wavuma ukuthi Wayengathunyelwanga ohlangeni lwakubo; wavuma ukuthi wayengelutho kodwa inja. O, singakwenza lokho na? O, qhabo, impela ngeke. Wena uthi, "Ngenza njengoba ngithanda." Qhubeka, vele uqhubeke ngqo uye ebandleni, uma uthanda, lokho kulungile, kodwa khumbula, uzophinde uhlangane nakho ngolunye usuku. Izwe selingcoliswe ukuphendukezela, yonke into, iBhayibheli lasho njalo, imfundo, impucuko yangena.

176 Ngenkathi nina maNdiya ninalelizwe nina uqobo, kwakungekho-nkathazo phakathi kwenu. Qhabo. Naphila

impilo enhle, ende, futhi yonke into yahamba kahle. Ukuqophisana okuncane kwezizwe nakuxazulula ngokuphuma lapho futhi nilwisane ngakho phakathi kwenu, kodwa ngenkathi umlungu engena, waletha abesifazane, iwiski, ukuphuza, isono, nempucuko eyonakele njalo uletha lokho. Yini eninayo na? Impendukezelo, ababulali, ukweba, ukuntshontsha, ungqingili, zonke izinhlobo zezinto ngalolusuku lokugcina, khona impela iBhayibheli elathi kuyokwenzeka, kodwa nakhu sinakho. Niyabo? Akumangalisi ukuthi umuntu akakwazi ukuphikelela, abazi ukuthi bami kuphi. Okubhasteliwe kungaphikelela kanjani ekubeni kungazi nokuthi uyise nonina bangubani. Niyabo? Ubungeke ukwenze.

177 Manje, ake ngikutshele okuthize, nenekazi, lalela nje lokhu, dade, phakathi lapha: Qhubeka wenze ngendlela ofisa ukukwenza ngayo. Kodwa, ugqoka lezozingubo eziyinhlamba, futhi uphumele lapha emgwaqeni, ubeka amadodakazi akho phandle lapho kanjalo, futhi enye indoda iyibheke ngendlela engafanele, ungahle ube msulwa njengomnduze, ungahle ube ohloniphekile kumyeni wakho njengoba ubungaba njalo, noma esokeni lakho, kodwa ngosuku lokwahlulelwa uzoziphendulela ngokuphinga, ngoba uJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe." Ubani onecala na? Uzethulile, unecala.

178 Bese kuthi-ke lowomshumayeli obhasteliwe ame epulpiti, futhi enamahloni ukutshela amadoda. Yithikithi lokudla, bafanele bakwenze ukubamba amalungelo abo ehlelo, namabandla abo amakhulu, nezinto.

179 Esikudingayo namhlanje ngamadoda kaNkulunkulu angempela, ama qekelele kuleloZwi futhi akhulume iqiniso ngaLo. Kunjalo. Khumbulani, kuyoba nabambalwa kuphela abasindiswayo, empeleni, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho kwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

180 Manje bhekisisani, wavuma, u—u—ukukholwa kweqiniso kwangempela njalo kuvuma ukuthi iZwi liqinisile, manje bhekisisani, njalo kuvuma ukuthi iZwi liqinisile: "IQiniso, Nkosi, angilutho kodwa ngiyinja. Iqiniso, Nkosi, Awuzange uthumele. . . Awuzange uthunyelwe ohlangeni lwami. Lelo yiqiniso." Wayengafuni ukubona ukuthi *lokhu* kwakuyini, noma *lokho* kwakuyini, wavele wavuma ukuthi iZwi laliqinisile. NoMoya wokukholwa njalo uvuma ukuthi iZwi liqinisile. Qaphelani, "Qiniso, Nkosi. Angifuni isinkwa sabantwana, kodwa ake ngithathe imvuthuluka ewa etafuleni leNkosi, imvuthuluka nje."

181 Lokho kwaMthola, kwakuyilokho-ke. Wathi, "Ngenxa yaleli zwi lakho. . . hamba indlela yakho, indodakazi yakho isindile."

Ukukholwa kuvuma iqiniso. Okufanayo manje, ukukholwa njalo kuhamba neZwi. Wayenesineke, futhi wakuthola ayekucela kungakhathaleki ukuthi izimo zithini.

182 UMarta, eBukhoneni bukaJesu, wayenesineke, wama lapho, futhi wakholwa. Futhi akunandaba, nakuba umfowabo wayesenezinsuku ezine efile futhi manje esenuka, wathi, "Nkosi, ufile, uyanuka, kodwa nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu UyoKunika yona." Wayenesineke.

Yilapho singatholi lutho khona, asinasineke. Thina, asinakho ukukholwa, asibambeleli.

183 Owesifazane waseShunemi wayenesineke phambi kuka-Eliya. Wathi, "Iqiniso, kunjalo." Wathi, "Ungibusisile nengane yafika. Ingane ifile." Kodwa wathi, "Manje, angiyikukushiya, njengoba impela umphefumulo wakho ungafi neze, neNkosi uNkulunkulu wakho iphila, angiyikukushiya," waze wathola impendulo ngomntwana wakhe. Waba nesineke. Ukukholwa kubamba iZwi.

184 UMikaya, emi lapho phambi kwabaprofethi abangamakhulu amane, bonke bondlekile futhi belungisiwe futhi begqoke imifaniswano yabo, futhi begqokile. Futhi uMikaya . . .

185 Nakho kufika uJehoshafati, wayeyikholwa, noma, indoda kaNkulunkulu, wehla no-Ahabi, wayefanele azi ukwenza kangcono kunalokho, kodwa lapho ekwenza, wathi, "IRamoti Gileyadi akusilo yini elethu na?" Manje bhekisisani izizathu, iRamoti Gileyadi, uJoshuwa, ekumiseni izwe, walinika u-Israyeli, amaFilisti ayawela futhi alithatha kubo.

186 Futhi manje, u-Ahabi wathi, "IRamoti Gileyadi akusilo elami na?" Lelo kholwa elisivivi, elithiyeka emnceleni lathi, "Akulona yini elethu na?" Wayesethi, "Lelo ngelethu."

187 Futhi uJehoshafati, eqenjini elingalungile, ehlezi esixukwini esingalungile lapho okungekho khona ukukholwa, kungekho ukukholwa eZwini likaNkulunkulu, wathi, "Ngani, kubukeka sengathi," wathi, "kodwa besingafanele ukubuza eNkosini na?"

188 "O," u-Ahabi wathi, "impela, nginabaprofethi abangamakhulu amane ezansi lapha." Wakhuphula bonke, begqoke kahle, futhi bekahle, abaprofethi, abaprofethi bamaHeberu, angiqondile abanye abaprofethi bezithombe, bazisho ukuthi bangabakholwayo ngempela kuNkulunkulu abamkhonzayo, abaprofethi.

189 Bukani lapha nje, ngi—ngizothatha isikhathi sami khona lapha umzuzu, abaprofethi bangempela, abaprofethi bamaHeberu, benyukela lapho, futhi bonke baprofetha, futhi bathi, "Khuphuka, ngokuba iNkosi izohamba kanye nawe. Lelozwe lingelethu ngokuphelele, futhi lowommbila okhuliswa lapho bewufanele wondle abantwana bethu, esikhundleni salokho, wondla isitha sethu; khuphuka usiqhubulukushe

sisuke ezweni." Manje, lokho akuzwakali kunengqondo na? UNkulunkulu wethembisa ukuthi lelo kwakuyizwe labo. Futhi ngakho, kodwa manje-ke, uMikaya wathi . . .

Awu, bathi . . . Okokuqala, lokhu . . . Wathi, "Ungakwazi . . . Akekho omunye futhi esingambuza na? Akasekho omunye futhi umprofethi na?"

190 Wathi, "Kukhona oyedwa, uMikaya, indodana ka-Imla, kodwa ngiyamzonda." Impela. Noma yimuphi umuntu owayengamtshela iqiniso futhi amthethise ngezono zakhe, wayemzonda. Wathi, "Ngiyamzonda."

Wathi, "Mayingasho inkosi, njalo . . . isho njalo."

191 Kwase kuthi-ke inhlangano yabefundisi yaya ngale futhi yahlangana naye, yathi, "Mikaya, bonke labobefundisi, uxoshiwe enhlanganweni manje, bonke labobefundisi bazokubuyisela ngqo phakathi futhi, uma uzosho into efanayo a . . . abayishoyo."

192 Wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, ngizosho kuphela lokho uNkulunkulu akubeka emlonyeni wami." Nakho lapho okhona. Nanso indoda kaNkulunkulu. Weza lapho, wayesethi, "Nginike lobubusuku." Wakhuluma neNkosi, iNkosi yamtshela, wayeseqhathanisa umbono wakhe neZwi.

193 Njalo qhathanisa imicabango yakho nemibono yakho neZwi. Uma kukanye neZwi, uNkulunkulu ukushilo. Uma kungekho kanye neZwi, kungcono uqaphele.

194 Ngakho, wakuqhathanisa neZwi. UNkulunkulu watshela . . . Wathi wabona umbono. Wabona ibutho laseZulwini lihlezi ndawonye, futhi bonke babethi, "Besingamkhipha kanjani u-Ahabi lapho ukuba simbulale ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu na?" Ngoba umprofethi, u-Eliya, wayethe izinja zaziyoxhapha igazi lakhe futhi zidle uJezebeli, futhi yena owesifazane, asatshalaliswe phezu kwensimu. Futhi ngani, impela. Bathi, "Singakwenza kanjani na?"

195 Nomoya wamanga wenyuka uvela ngaphansi wawusuthi, "Ngizokwehla futhi ngingene kulabo baprofethi, ngoba abalazi iZwi empeleni. Ngakho, ngizokwehlela lapho, futhi ngingene kulabo baprofethi, futhi ngibenze baprofethe amanga, futhi ngimnikele lapho."

196 Khona-ke uMikaya waphendukela e . . . wabona ukuthi lokho kwakuhambisana ncamashi neZwi likaNkulunkulu. Ngakho wahamba, wase ema phambi kwakhe, futhi wamtshela lokho. Futhi ngakho, niyazi, uMikhaya . . . Lowombhishobhi omkhulukazi wakhuphuka, wase emmukula ebusweni, wathi, "Laya ngaphi iZwi likaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu, ngenkathi usuka kimi na?"

Wathi, "Uzobona lapho ucashe ngemva kwezindonga emuva lapho."

Ngakho wathi, "Mthatheni, nimfake etilongweni," kusho u-Ahabi. Futhi wathi, "Uma ngibuya, ngizobhekana nalomfo."

Wathi, "Uma ubuya nokubuya, uNkulunkulu akakhulumanga kimi."

197 Ngani na? Emi lapho ayengakwazi khona, wadutshulwa wafa. Kodwa wayenesineke, wayeneZwi likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakusho ukuthini. Yebo, mnumzane, wayazi ukuthi kwakusho ukuthini.

198 UFiliphu wayenesineke ngenkathi ezwa uJesu emtshela ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba Ambize. UPetru wayenesineke ngenkathi Emtshela ukuthi lalingubani igama lakhe. O, he! Owesifazane emthonjeni wayenesineke.

199 Lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangisezansi eMexico, ngibambe umhlangano, futhi kwakukhona o—owesifazane omncane waseMexico, kwakukade kukhona, ngiqagele izinto ezivelele eziyizinkulungwane ezine noma ezinhlanu zase zenziwe. Ngobusuku bangaphambi kokuba umuntu waseMexico omdala, oyimpumputhe, eze emsamo. Ngangilapho kuphela, ngokufanayo nje nalomhlangano lapha, ubusuku obuthathu, futhi sasinaleyonkundla yenkunzi, futhi kwakukhona izinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane ezazigcwele phama phandle lapho. Abanye benu Assembly of God, ngiyanitshela owangihumushela, omunye wamadoda enu, uMfowethu Espinoza, lapho eCalifornia, umhumushi waseMexico. Futhi sasimi lapho.

200 Babefanele beze bezungeze . . . Kwakunabaningi kakhulu phakathi lapho, bafaka intambo ezingalweni zami ukungehlisela kwingemuva le—le—lenkundla yenkunzi enkulu. Futhi ngenkathi . . . Sasimi phandle lapho emsamo. Lina, lalina usuku lonke, labo abampofu baseMex- . . . ingekho indawo yokuhlala phansi, bavele bancikane. Futhi asikwazi ukuhlalisa imizuzu emihlanu, silahliwe, yilokho kuphela. Impela. Babengenaku . . . Ba—babehlale lapho usuku lonke, bencikene omunye nomunye.

201 Ngalobobusuku, ngenkathi umugqa womkhuleko uqala, futhi ngaqala ukukhuleka, kwakukhona ikhehla laseMexico elafika, lalimanikiniki, laliyimpumputhe, futhi ngalibuka, futhi izicathulo zami, ngangiyolinika kodwa alizinelanga. Futhi umfo ompofu, omdala mhlawumbe akakaze abe nokudla okumnandi empilweni yakhe. Ngamgaxa, ngase ngimkhulekela, ngoba ufanele ubazwele abantu, uma ungenjalo, ungahle uvele ubayeke kanjalo. Ngakho, ngamkhulekela, ukubona kwamehlo akhe kweza kuye. O, he!

202 Ngosuku olulandelayo, owesifazane omncane wayesehhovisi likadokotela, ingane yakhe yangenwa inyumoniya phandle lapho kuleyomvula, nenenekazi elincane, laya kudokotela nayo, inyumoniya embi kakhulu, futhi yafa ngalokho kusa ngehora lesishiyagalolunye ngqo ehhovisi likadokotela. Futhi

ngalobobusuku ligamenxe eleshumi, wayemi kuleyomvula, emi phandle lapho ezama ukuthola leyongane ukuba ikhulekelwe, emva kokufa ngalokho kusa.

203 Manje, lokhu kubhalwe nezitatimende ezisayiniwe zikadokotela. Incwadi yokuloba isigigaba zosuku ijenali yeChristian Business Men ikuqukethe. I*Voice* yeChristian Business Men isanda kuqukatha udaba, maduze nje. Cishe nilufundile. Futhi ngakho, kodwa ukwenza umbhalo... ukwenza isitatimende esinjalo, ku—kungcono usibhale kahle, ngoba bangakwenza ungene enkathazweni ngaso. Ngakho, lezi zinto ziyiqiniso.

204 Futhi lapho ngalobobusuku, uBilly wakhuphukela kimi, wathi, "Babayi, lowomfo ukhiphe lawomakhadi omkhuleko, uwakhiphe onke, futhi banowesifazane omncane emi lapho," wathi, "Nginabangenisi abangamakhulu amathathu ngapha, futhi abakwazi ngisho nokumbamba," washo, "ugijima phakathi kwemilenze yabo nakuyo yonke indawo." Wayephikelele. WayeyiKatolika naye, kwasekuqaleni. Futhi nakho la wayekhona.

205 Futhi ngakho, emva kwesikhashana, ngathi, "Awu, Mfowethu Jack Moore," ngathi...Abaningi benu bayamazi uMfowethu Jack Moore, ngathi, "yehla futhi ukhulekele owesifazane, akangazi, he, akakaze angibone, abantu abaningi kangako bangene kanjalo."

206 Ngase ngithi, "Ngisakhuluma, ukukholwa..." Futhi ngabuka, futhi kumi phambi kwami kwakuyingane encane engenamazinyo lapha, ingane encane yaseMexico ingibhekile, imamatheka, umbono. Ngathi, "Ake ume kancane. Tshela abangenisi ukuthi bahlehle batshele lelinenekazi lize lapha." Nali iBhayibheli lami, ngifanele ngihlangane noNkulunkulu ngelinye ilanga. Kunjalo.

207 Futhi ngakho, bakhuphula ingane encane emsamo, laqala ukumpongoloza, "Padre, Padre!" Kusho ukuthi "baba," niyazi. Ngalitshela...Mfowethu Espinoza, "Litshele ukuthi lisukume." Lalinengubo yokulala ibekwe phezu kwengane, amanzi econsa, izinwele zalo zibheke phansi, omuhle ngempela, obukeka ehlanzekile, owesifazane omncane. Futhi la—futhi lagijima lenyuka limpongoloza kanjalo, nengane yalo...

208 Futhi ngavele ngahamba, ngabeka izandla zami phezu kwengane, ngathi, "Baba waseZulwini, uma lowombono bekunguWena ungitshela ukuba ngikhulekele umntwana, angazi, kodwa ngibeka izandla zami phezu kwayo nje ukukhuleka, eGameni likaJesu Kristu." Futhi ngenkathi ngisho lokho, ingane encane yathi, "Wa, wa," yaqala ukukhahlela kanjalo futhi igxuma, futhi lapho leyongane encane yayilapho.

209 Ngase ngithi, "Mfowethu Espinoza, beka umuntu nalowo wesifazane manje, futhi ungabhali phansi lokho,

kufake lokho e—ebufakazini, kuze kube udokotela asayine isitatimende sakhe." Ngakho ngakusasa, babethumele isigijimi, sasihamba nodokotela, udokotela, wabuka ingane, wathi, "Ngiyihlolile leyongane futhi ngayimemezela ukuthi ifile, ibulawe yinyumoniya kulokhu ukusa, ukuphefumula kumile, yonke into, ehhovisi lami ngehora lesishiyagalolunye nqo." Wasayina igama lakhe kukho kanjalo.

210 Futhi kwakulapho-ke, ingane yayiphila ngoba umama omncane wayenesineke. Ibandla eliKatolika noma akukho bandla eliKatolika, kumbe noma ngabe lalizama ukulivimba, wali . . . libonile leyondoda eyimpumputhe ithola ukubona kwayo ebusukwini bakuthangi, futhi laba nesineke. Ngani na? Lalazi ukuthi uma uNkulunkulu ekwazi ukuvula amehlo empumputhe, uNkulunkulu ubengathatha . . . ? . . . UNkulunkulu ofanayo ovula amehlo empumputhe angabuyisela ukuphila, ngoba UnguMbuyiseli wokuphila. Impela. Lakholwa. Lalinesineke.

211 Nkulunkulu yiba nomusa. Besingakwazi yini ukuba nesineke kulentambama, uku—ukuze sifinyelele kuJesu Kristu na? lapho siMbona efika phakathi kwethu ngqo kanje, futhi enza izinto ezingakaze zenziwe kusukela ezinsukwini zabaphostoli. Kungani singakwazi ukuba nesineke futhi sicindezele indlela yethu yokungena na? Impela, uma ukukholwa kwethu kuke kubambe, futhi sikholisekile ngempela ukuthi nguNkulunkulu, sizoba ngonesineke.

212 Ngiyabonga. Sekuyisikhathi sokuthi mina ngihambe, futhi ngifuna ukukhulekela bonke abagulayo. Angikwazi ukuletha ngamunye ngamunye emsamo futhi ngibakhulekele ngaphansi kombono, cishe imibono emine noma emihlanu futhi bazongithwala bangikhiphe. Niyakwazi lokho. Bangaki okuqondayo lokho na? IBhayibheli lifundisa lokho. UJesu, owokuqala . . . lowo wesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe, lolohlobo lombono, Wayesethi, "Ngiyabona ukuthi amandla ahambile, Ngibe buthakathaka." Ngakho, ngi . . . Niyazi ngi . . . ukuthi besingeke sikumele lokho.

213 Kodwa niyakholwa yini ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi Wasifundisa, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda. Imisebenzi engiyenzayo Mina nabo bayoyenza," nokunye nokunye? Uyakukholwa lokho ngakho konke okukuwe, futhi uNkulunkulu uyokuvuza ngezinto ozicelayo ukuba zenziwe. Uyakukholwa lokho na?

214 Manje, ngaphambi kokuba siklelise umugqa womkhuleko esakhiweni, ngifuna ukuhlonipha kwenu umzuzwana nje. Kholwa. Ngezinye izikhathi uzofanele usike njengayo yonke into ngeZwi, kodwa, lapho ngihlangana nawe ngoSuku lokwaHlulelwa, ngeke kube nagazi lamuntu phezu kwami.

Niyabo? Ngifuna nazi ukuthi nginitshela iQiniso eliphuma eZwini ngqo. Futhi uma uNkulunkulu engaliqinisekisi leloqiniso, khona-ke akusilo iQiniso, akusuye uNkulunkulu. Uma uNkulunkulu eqinisekisa leloQiniso, khona-ke liyiQiniso, futhi niyaLilalela.

215 Ngaphambi kokuba ngehlele lapho ukuyobeka izandla phezu kwabagulayo, ngifuna abanye benu lapha ukuba nikholwe ngenhliziyo yenu yonke ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uyiNdodana kaNkulunkulu njengoba Wayelokhu eyiyo, futhi LinguMoya waKhe, futhi nginitshela lokhu, futhi Leli yiZwi laKhe. Niyakukholwa na? Ngiyabonga ngokukholwa kwenu.

216 Manje, ukuze ngiqiniseke ukuthi ugcobo lweNkosi luphezu kwami, ngaphambi kokuba nisuke ezihlalweni zenu, ngifuna uthi, "Nkosi Nkulunkulu," enhliziyweni yakho, kanje, "Ngiyazi ukuthi indoda emi lapho ayingazi, ngiyazi, ikufakazisile kimi kulobubusuku obubili ekade ishumayela, ukuthi Wethembisa lezizinto ngezinsuku zokugcina, nongakholwayo uyasuka kukho, kodwa ngizo . . . Ngiyikholwa, Nkosi, ngiyakukholwa. Ake ngithinte umphetho wengubo yaKho, Wena phendula ngalowomshumayeli phezulu lapho, futhi wenze umsebenzi ofanayo Owawenza ngenkathi, ulapha emhlabeni ngeBandla laKho, futhi ngizokwazi ukuthi ngingowaleloBandla, ngoba ngaMoya munye ngibhaphathizelwa kulowo Mzimba." Yebo, impela. Wena yisho lokho, futhi ukukholwe.

217 Manje, wonke umuntu akahloniphe umzuzwana, futhi ahlale athule umzuzwana nje. UNkulunkulu akubusise. Uma ngingakuboni, uma kwenzeka uMoya ungishaya, angikwazi ukukuvalelisa ngaphambi kokuba ngihambe, ngeke ngivalelise, ngizosho igama lesiJalimane, "Auf Wiedersehen," lokho kusho ukuthi, "Sizophinde sibonane." Siyophinde sibonane ndawana thize, uma kungesikho lapha, ngaphesheya komfula, sizonibona kulelocala. Lapho ngima lapho ngoSuku lokwaHlulela, futhi lolu suku lubanika phezu kwesihenqo somgoqo kaNkulunkulu lapho, nizobona ukuthi nginitshele iqiniso. Ngibe qotho kini, angigodlanga lutho; ngikubeke nje ngendlela iZwi elikusho ngayo, futhi nakho la kukhona.

218 Manje, Nkulunkulu Somandla, woza enkundleni, futhi wazise lababantu ukuthi inceku yaKho ayikho lapha ngale kwanoma iyiphi enye inhloso, kodwa ngoba Wena uthumile. Manje, Baba, ngikhulumile ngaWe, Wena khuluma ngami, ukuthi ngikhulume iqiniso. EGameni likaJesu Kristu, ngicela lokhu.

219 Manje, yibani nokukholwa kuNkulunkulu, ningangabazi. Kulungile manje, bheka phezulu ngapha, futhi ukholwe. Kholwa, ngiyacela. Enhliziyweni yakho uthi, "Nkosi, Nkulunkulu . . . " Khuleka nje. Bona ukuthi uNkulunkulu

angangitshela yini lokho okukhulekelayo, ubone ukuthi uMoya oNgcwele noma qha.

220 Lomfo omncane phandle lapha ekugcineni, ehlezi phandle lapha ekugcineni komugqa ongaphambili lapha, elokhu ebhekise ikhanda phansi, futhi elokhu ekhuleka. Uyakhuleka, uyazama, ucela uNkulunkulu ukuba asuse leso sifuba somoya. Uma ukholwa. . . Ingabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Awu, u. . . kusanda kukushiya nje. Amen. Ngakho manje, uma lokho kungesikho izolo, namuhla, naphakade, uyini uJesu Kristu na? Ingabe kunjalo na?

221 Bukani lendoda ehlezi phandle lapha, engibukayo, ikhulekela usbali ogula ngempela, ngempela. Kunjalo. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho okucelayo. Amen. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. Niyabona Ulapha. Anikwazi lokho na?

222 Bukani lelinenekazi elihlezi lapha, inenekazi elithi ukukhula elihlezi lapho, liyakhuleka, ngoba kunokuthile okungahambi kahle entanyeni yalo, izinhlungu nezinto kulokhu kugijima entanyeni yalo, kulikhathaza. Kunjalo, nenekazi, akunjalo na? Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. Kulungile, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Hamba, uphiliswe.

223 Niyambona Ulapha na? Niyakukholwa na? Manje, awukwazi yini ukuba nesineke ukuma lapho futhi uthi, "Uma uBukhona bukaJesu Kristu bulapha futhi wazi yona impela imfihlo yenhliziyo yethu. . . "?

224 NeBhayibheli lasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu li, namandla kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi noMahluleli wemicabango yenhliziyo." Lokho kungaba kanjani iZwi likaNkulunkulu na? "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini," ngabhaphathizelwa eMzimbeni waKhe, iZwi laKhe lihlala phakathi *lapha*, "khona-ke celani enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa khona." Amen. Kungani singenakuba nesineke, sikholwe ngenhliziyo yethu yonke na?

225 Nibangaki nina bantu phakathi lapha abanamakhadi omkhuleko, ngapha kulomugqa lapha, futhi bafuna ukukhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Bangaki abangenawo amakhadi omkhuleko futhi bafuna ukukhulekelwa na?

226 Empeleni, bangaki abefundisi abalapha namhlanje, okungamadoda esaba uNkulunkulu okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu na? Angikubuzi ukuthi ungowaliphi ihlelo manje, ungaba ngowanoma yiliphi ihlelo ofisa ukuba kulo. Kodwa, uyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi ukhathalele kuNkulunkulu ephulukisa abantu, uzama ukwenza ukuphila kube ngcono kancane—kancane kubo, ukudambisa izinhlungu njengoba beqhubeka nohambo, futhi uyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, phakamisa

isandla sakho, befundisi. Kulungile. Ngizokucela ukuba uze lapha futhi ume, futhi wakhe umugqa kanye nami, ukuze kuthi lapho sengihambile, ukuze abantu babone ukuthi akumina, unelungelo eliningi nje lokukhulekela abagulayo njengoba nginalo, noma yimuphi umfundisi kaNkulunkulu ogcotshwe nguNkulunkulu unelungelo. UJesu wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Ini? Abashumayeli bashumayela iVangeli kuzo zonke izidalwa.

227 Ngifuna abefundisi, beze lapha futhi benze imigqa ephindeke kabili khona lapha, ngizoma phakathi kwenu ngqo, ezansi khona lapha, sizodlula abagulayo nabahluphekile sidlule khona lapha manje.

228 Futhi abantu ozayo, lapho uza, ungezi komunye wethu, woza njengoba ulalela, sengathi ubuyongena echibini lokubhaphathiza, wehle, bese kuthi-ke lapho laba befundisi bebeka izandla phezu kwakho, kanye nami uqobo, ukholwe ukuthi uzophulukiswa futhi uphiliswe.

229 Manje, sifuna kuphela abefundisi, abefundisi beVangeli, abefundisi nje. Kulungile. Ngifuna babumbe imigqa ephindeke kabili khona lapha, benze umhubhe phakathi kwabo, umgwaqo omncane owehlayo phakathi kwabo, abefundisi beVangeli. Ngiyabonga, bazalwane bami, ngokubambisana kwenu okuhle, ningbabekhethelo, ngiyanithakasela njengabafowethu, odadewethu kuKristu. Manje, khumbulani, ukhathalela ekutholeni lababantu ukuba baphiliswe, futhi uzele ukuzokhombisa ukukholwa kwakho kuNkulunkulu, ukuthi uyakholwa, futhi ukholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuqinisile. Futhi manje, ngi . . .

230 Wonke umuntu lapha, ongowalamabandla, ubefanele aziqhenye ngomfundisi wakhe, ubefanele abe nokubonga ngenceku ezoma lapha futhi imele uKristu phakathi kokungqubuzana futhi isalokhu ikukholwa, ngoba bayazi ukuthi yena impela uNkulunkulu abamthandayo nabamkhonzayo, nguYe Owazi inhliziyo. Futhi noma nini lapho ugula, emva kwalokhu, noma into ethize enye, umelusi wakho unelungelo lokukukhulekela.

231 Niyamthanda uNkulunkulu na? Kulungile. Manje, ngifuna uMfowethu Roy Borders enyukele lapha kwimayikhrofoni. Futhi ngizokwehlela lapho phakathi kwabantu, uzoqondisa ibandla, ukuthi bafanele badlule kanjani emgqeni. Nina bantu nizoqala ngapha, nize nidlule ngqo, nabefundisi benikhulekela, benibeka izandla, bese kuthi loluhlu lapha, uzonitshela ukuthi niphuma kanjani futhi nize nizungeze. Wozani ngendlela eyodwa

ukuze singaxoveki, futhi wonke umuntu ofisa ukukhulekelwa akakhulekelwe.

Asikhothamise amakhanda ethu manje. Manje, bazalwane bami abangabefundisi, khulekani ngenhliziyo yenu yonke.

232 Baba wethu waseZulwini, siphe lokhu manje, umzuzu omkhulu usufikile. Ngenze konke okusemandleni ami, Nkosi, ukuzama ukukhombisa abantu, ukuthi, eBhayibhelini abantu ababephikelela yilabo abathola izibusiso zikaNkulunkulu, ngoba babekholwa, babenesithembiso, basikholwa isithembiso futhi basilalela isithembiso, futhi akukho lutho ukwabavimba kuso.

233 Manje, Baba onomusa kakhulu, lababantu bahlale bathula kulentambama, laba abaphakathi lapha, balalele ngoba banesizathu, beze ukuthola umusa waKho. Ubonakale phambi kwethu ngesigameko esikhulu, futhi ukhombisa ukuthi UsenguJesu nokuthi Ulapha.

234 Nebandla lemukela isexwayiso salo sokugcina. Baba Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi sekuphinde kwaphinda kwaphinda kubantu, sebekuzwile, kodwa ngelinye ilanga bazokuzwa okokugcina. Sazi kanjani ukuthi ngeke kube namuhla na? Kunabantu abahlezi lapha namhlanje, mhlawumbe abantu bebekhona lapha namhlanje, abazobe befile ngaphambi kokusa. Ayonkeneneza kanjani lawo mazwi ezindlebeni zabo ePhakadeni elingenakuphela ngaleya! Bahamba kanjani besuka eQinisweni likaNkulunkulu!

235 O, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi lamakholwa ayigugu, akhona manje, azophulukiswa, onke. Ngikhulekela ukuthi lamadoda kaNkulunkulu, izinceku zaKho ezi . . . Unezikhundla ezinhlanu eBandleni, Wathi Umisile eBandleni, okokuqala: abaphostoli, bese kuba abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli. Nkulunkulu, Wazimisa eBandleni, mhlawumbe abakwazi ukuprofetha nokusho izinto, mhlawumbe abanakho ukubona okufihlakeleyo, kodwa bangamadoda angabafundisi nabelusi, mina, ngishumayela kanzima, bame khona lapha ukusho ukuthi kuyiqiniso, bayakuqonda, bayakukholwa. Nkulunkulu, hlonipha lawo madoda, wahloniphe, busisa amabandla awo, kwangathi imvuselelo yefeshini endala ingaqubuka kubo bonke, Nkosi. Siphe khona. Futhi thola leyoMbewu eyamiselwa ngaphambili elele ngalapha esiqhingini ngaphambi kokuba kube leyithi kakhulu. Siyazi ukuthi Uzosipha khona.

236 Manje, njengoba sehla, hlonipha imikhuleko yabo lapho bekhuleka. Lapho bebeka izandla zabo phezu kwabo, Nkosi, izandla zabefundisi ezibekelwe uMbuso kaNkulunkulu, sengathi Ungezwa futhi uphendule umkhuleko; sengathi wonke umuntu ogulayo owedlula phansi ngalomugqa, aphume kulomugqa edumisa uNkulunkulu njengo-Abrahama, "Kuzokwenzeka noma kanjani, ngoba uNkulunkulu washo

njalo." "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyomvusa. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." UNkulunkulu washo njalo, futhi kuzoba njalo, othile uzosindiswa. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

237 Ngifuna umshayi-ogani, uma ethanda, udlale ngayo yonke inhliziyo yakho, ngakho konke ongakwenza, futhi ukwenze... Manje, ibandla licula, "Kholwa Kuphela, zonke izinto ziyenzeka, kholwa kuphela." UMfowethu Borders uzokwenza ukuqondisa manje, komugqa womkhuleko. UNkulunkulu anibusise. [UMfowethu Borders uyaphawula. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

...izinto ziyenzeka, kholwa kuphela.

238 Bengibheka izandla zidlula. Bantu, ningiqaphelile yini ngithola isandla senu, futhi ngisiphakamise *kanje*? Niyakhumbula, nina baseCanada, okokuqala engake nganibona, futhi ngangazi kuphela ngokubeka izandla zami phezu kwezandla zomuntu na? Bangaki abakukhumbulayo na? Khumbulani, lesisipho sabonakaliswa kimi okokuqala eCanada, eRegina, noMfowethu Ern Baxter ngalobobusuku, ngenkathi ngiprofetha futhi nginitshela ukuthi Wangitshela lokho, ngolunye usuku, uma ngiyoba nenhlonipho ngalendlela, ukuthi—ukuthi ngiyokwazi yona kanye imfihlo yenhliziyo yabo. Bangaki ongikhumbulayo ngisho lokho, eminyakeni edlule na? IBhayibheli lathi, "Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, futhi akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni." Ngizweni. UJesu Kristu uyanithanda nonke. Futhi ngizihlolile lezozandla zidlula, nengxenye enkulu yazo yase ivele imile ukundindizela ngenkathi befika kimi lapha, ngenkathi labobefundisi sebebeke izandla phezu kwabo, base bevele bephulukisiwe bengakafiki ngisho nakimi.

239 Mfowethu Byskal, uNkulunkulu akubusise. Ngiyakuqaphela nje manje, ngokuba lapho, ubaba kaMfowethu Eddie. UNkulunkulu akubusise. Sengathi umusa kaNkulunkulu ongunaphakade ungaphuphuma kuwe size sibone futhi, futhi khona-ke siyothi:

Size sibonane! size sibonane!

240 Asiphakamise izandla zethu manje. Ngikhulekeleni, ngidinga imikhuleko yenu. Nginithanda ngothando olungapheli, lapho ngikhuluma nani ngendlela engikhuluma ngayo, kungokothando, ngoba ngiyanithanda.

Size sibonane! (Nibusiswe, bazalwane.
Niyaphila okwe...Eddie)...bonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane...
(Nizophuma?)

241 Asikhothamise amakhanda ethu manje. Ngizocela uMfowethu Eddie uma engeke eze lapha, nanoma yini

esenhliziyweni yakhe ukuba ayisho. Ngizohamba maduze nje manje ngiya phesheya kwezilwandle. Ngingathembela kini ningikhulekela na? Yenzani lokho. Ngothando lukaNkulunkulu, angisoze ngayikhohlwa iVictoria, khumbulani lesi siqhingi. UNkulunkulu anibusise ngize nginibone futhi. Mfowethu Eddie.

